# UKUVUSA UJESU

Sanibona kusihlwa. Njenganjalonjalo, inhlanhla ukuba sendlini yeNkosi.

2 Ngimangale kanjani ukubona lomfana lapha ovela eArkansas, umngani wami. Kudala, ngikholwa ukuthi ngigcina ukukubona kwakusenhla eCalifornia, kwakungesikhona na? He, he! UseseCalifornia na? Lapha? He! Ngicabanga ukuthi ngizodingeka ngithuthe. Yonke impumalanga iza entshonalanga.

3 Futhi, awu, wonku'muntu ujabule na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo.

4 Awu, ngicabanga ukuthi lena cishe yinkonzo yethu yesithupha manje. Sifanele siqhubeke lonke iviki elizayo, futhi—futhi kwenyuke kuze kube ngoMsombuluko ozayo ebusuku. Manje, ningakhohlwa nguMsombuluko ebusuku eTucson, isiphihli sedili, futhi silindele isikhathi esikhulu ezansi lapho ngaloMsombuluko ozayo ebusuku.

5 Bengixoxa noMfowethu Williams noMfowethu Rose, namhlanje. Futhi ngakho-ke ngathi, "Niyazi, ngizoqala ukukhulekela abagulayo." Ngathi, "Ngigcina labobantu abazihluphekelayo lapho njalo ebusuku kuze kuthi akube eleshumi noma eleshumi nanye nqo." Ngathi, "Ngizizwa nginamahloni ngempela ngami, ngokukwenza kanjalo." Futhi ngiyaxolisa ngokunihlalisa isikhathi eside kangaka, kodwa angitholi ukunibona kaningi kakhulu.

6 Futhi angikwazi ukwenza lokho kuxolisa, ngoba ngenza okubi ukwedlula lokho ekhaya. Niyabo? Ngezinye izikhathi ngiqala ukungena ekuseni, kuse eli, futhi ngishumayele kuze kube yileyontambama futhi ngesinye isikhathi, kumbe noma nje yinini uma silungiselela ukuya ekhaya. Futhi nje sihlale sizungeze, kanjalo, nje sibe wugqinsi njengoba nje singaba yilo, ukuze nje sibe nesikhathi esimnandi.

7 Kumnandi ukuba lapha, Mfowethu Groomer. Kuphi... [Omunye ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Ya. Ya. Ngathi ukufihlelwa khona. Kwakungesikho...Ngangilapha ngonyaka odlule ngenkathi sivela, kwakungesithi na? ["Yebo."] Ngicabange kanjalo. Ngiyayikhumbula indawo nebandla. Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku! UNkulunkulu anibusise nonke.

8 Futhi manje silindele iNkosi ukuba—ukuba—ukuba iphilise abagulayo kulobubusuku. Sithe ukulushintsha uhlelo kancane, futhi ngingena eMlayezweni, wokushumayela iVangeli, noma lokho engizama ukukucabanga, ukwazi kwami okwedlula

konke impela. Bese-ke ngi—ngithola ukuqala, angazi nje ukuthi ngizoma nini. Ngilokhu ngiqhubeka nje ngihamba, futhi nginihlalisa isikhathi eside kakhulu. Manje-ke, ngicabange ukuthi kungaba yisikhathi esihle kulobubusuku, emva kobusuku obuningi kangaka bokushumayela, ukuzama nje manje futhi ngikhulekele abagulayo. Ngakho namhlanje sithe ukukulungiselela futhi salinda eNkosini. Futhi ngiqala ukuqaphela izolo ebusuku, indlela. Uzofanele uthi ukuhamba ngendlela Akuhola ngayo ukuba uhambe, niyazi. U—uzwa into ethize ikuqhuba, futhi khona manje imibono izosabalala, futhi uyazi ukuthi yinto ethize isondela-ke.

9 Manje-ke, namhlanje bengiphuma, nami, e. . . Bengise. . . ihhotela lami labahamba ngezimoto, noMoya oNgcwele wathi hamba ngendlela ethize. Futhi lapho bekukhona idamu lokubhukuda phandle lapho. Ngicabange ukuthi mhlawumbe omunye umntwana omncane ngahle ukuba uminzile. Ngahamba ngawela lapho, kwenzeka ngabuka ngaphesheya, ngase ngibona abanye abantu. Bahlezi lapha ngaphambili kulobubusuku. Bayazi kanjani ukuthi bekuyiNkosi Efike lapho, nokuthi nje Ekushilo kuyinto impela nje. Ngakho ngazile-ke ukuthi bese kuyisikhathi sokuqala ukukhulekela abagulayo.

10 Futhi manje sizosondela kuYo manje, ngomkhuleko, singakasondeli eZwini laYo. Futhi niyizethameli ezinhle kabi. Beninakisisa kakhulu ubusuku ngabunye. Ngiyazi abanye benu bazofanele basukume futhi bahambe ngesinye isikhathi, ngaphambili. Ngiyazi ukuthi lokho akusikho ngoba nifuna nje ukuphuma nihambe. Nizofanele nibambe amabhasi. Nizofanele niye emsebenzini. Ngi—ngiyakuqonda lokho.

Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje senzele umkhuleko.

11 Manje, ngiyaqaphela kukhona nje cishe abaningi njengabamile emuva lapho njengoba bekhona abahlezi phandle lapha. Futhi sifuna . . . Siyazi ukuthi uNkulunkulu uzophendula izicelo zabo ngokufanayo nje njengoba Enza nomaphi. Manje ninaso isicelo na? Masaziswe ngesandla esiphakanyisiwe. UNkulunkulu uzozwa.

12 Baba wethu waseZulwini, manje siza eBukhoneni bukaJesu, e—eGameni laKhe. Futhi siya esihlalweni sobukhosi somusa, ukucela ukuxolelwa kwezono zethu, ngoba, sazi, usuku nosuku siyehluleka kuWe. Onke amahora okuphila kwethu, kuyimvela kancane ukuba kwedlule elilodwa singamanga, sithi, “Nkosi, ngithethelele. Be—bengingaqondile ukukwenza ngaleyondlela nje. Bengifanele ngikwenze ngalena—lena enye indlela.” Manje-ke, siyazi, Nkosi, ukuthi Uhlala njalo ugcwele kakhulu isihawu futhi ulungele ukuthethelela abantwana baKho. Ulalela ukukhala kwabo okuzwakala kancu. Sijabula kakhulu ukuthi sinoMmeli wasemajajini.

13 Futhi siyakhuleka, Baba, kulobubusuku, senzela lelibandla, lomfowethu othandekayo. Yonke leminyaka ngapha, simazi, futhi simthola, isimilo sakhe, inceku emangalisayo kaKristu. SiKubonga kakhulu ngendoda enjalo! Ngi. . . Kuyinhlanhla enkulu, Nkosi, ukuba phakathi kwayo nabantu bayo, nokuzihlanganisa nabo, nokubuthana ndawonye ukuhlanganyela nabo, ngaseZwini likaNkulunkulu. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzongena ngebuya eliphakeme, kulobubusuku, futhi uzo—futhi uzopha lezizibusiso. Ngijabula kakhulu ukuhlangana nabangani abadala engabazi iminyaka eyadlula ekuqaleni kwenkonzo.

14 Futhi manje, Nkosi, sikhuleka ndawonye ukuthi Uzosibusisa njengoba sibuthene thina uqobo ndawonye kulobubusuku ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Sibuthanele leyonhloso, Nkosi, futhi sikhulekela ukuthi—ukuthi Uzohlangabezana nezidingo zethu kulobubusuku, futhi uphendule izicelo zethu kuWe, ukuphilisa abagulayo, usindise abalahlekile, futhi ukhuthaze labo abadumele. Sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

15 Manje, sifuna nina, ofunayo, ofisayo, kulobubusuku, ukuba niphenye eZwini elidala elibusisiwe, encwadini yeVangeli likaMathewu oNgcwele, isahluko 8. Futhi sifuna ukuqala ukufunda kusukela. . . Ukuhlelwa namhlanje, kuMathewu, isahluko se 8, siqale ngevesi lama 23.

16 Emva kokusuka namhlanje, kuMfowethu. . . noma uMfowethu Williams noMfowethu Jewel Rose ukusuka lapho ebesikade sikhona, mina. . . umqondo wami uwele esenzekweni. Futhi ngakho nje ngifinyelele ngale. . . Ngoba, kade sikhuluma, noMoya oNgcwele usondele ngempela eduze kwethu. Ngakho nje lapho besuka bephuma, ngicabangile, "O, he! Manje impela Uzokhuluma." Futhi ngitholile ngesikhashana emqondweni wami eBhayibhelini lokho okwenzekile, ngokushesha ngiphendukela kukho. Futhi nginemiBhalo emincanyana ethize ukuhambisana nakho, futhi ngadonsa kukho indikimba, ngabhala phansi amanothi ambalwa kukho. Ngizothanda ukwedlulisela lokhu kini.

17 Okokuqala, asifunde manje kuMathewu oNgcwele, isahluko se 8, futhi siqale ngevesi lama 23.

> *Esengene emkhunjini, abafundi bakhe bamlandela.*
>
> *Futhi, bheka, kwavuka isiphepho esikhulu olwandle, umkhumbi waze wagujuzelwa. . . ngamaza: kepha yena wayelele.*
>
> *Futhi abafundi bakhe beza kuye, bamvusa, bathi, Nkosi, sisindise: safa.*
>
> *Futhi wathi kubo, Nesabelani, O nina bokukholwa okuncane na? Khona wavuka, wakhuza* umoya *nolwandle; kwabakhona ukuthula okukhulu.*

*Kepha abantu bamangala, bathi, Umuntu onjani lo, lokhu u*moya *nolwandle kuyam*hlonipha*!*

18 Lena impela yindikimba encane emangalisayo, noma umBhalo. Ngizothatha indikimba eyinqaba kukho: *Ukuvusa UJesu. Ukuvusa UJesu.*

19 Kufanele ukuthi kwakukade kuwusuku o—olunzima kuYe. Wayekhathele. Umzimba waKhe wawukhandlekile. Niyazi, lapho Ehambisana, nabantu bedonsa uNkulunkulu kuYe. Badonsa izifiso zabo kuYe. Futhi ngenkathi bekwenza . . . Asizukuzama ukungena emniningwaneni ukuchaza lokho, ngoba akekho ongakwenza. Singazichaza kanjani izinto esingazazi na?

20 Yingalesosizathu kungekho ndlela, nhlobo, yokuba uze usindisiwe uze ulungele ukwemukela lokho ongeke ukuchaze. Niyabo? Ufanele ukholwe. "Lowo oza kuNkulunkulu ufanele akholwe ukuthi Ukhona." Manje, akukho ndlela yokukufakazela ngokwesayense lokho, kodwa ufanele ukukholwe nakanjani. Futhi uma ubungakufakazisa, khona-ke bekungeke kusaba yisenzo sokukholwa. Futhi ukukholwa . . . UNkulunkulu uZifihle kakhulu kuze kuba ufanele ukholwe ukuthi Ukhona, ngale kokuMbona, yazi ukuthi Ukhona, nakanjani. Noma ngabe uyakubona, noma qha, kukholwe. Impela kukholwe, nakanjani.

21 Manje, ngicabanga ukuthi lokho kuyamangalisa, futhi lokho kunikeza abantu abangafundile njengami ithuba, wonke umuntu, ukukukholwa, ngoba siyakuzwa. "Nokukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu." Khona-ke siyakwemukela Lokho, futhi sikukholwe Lokho. Futhi phezu kwezisekelo zokukholwa kwethu kuLokho, sisindisiwe, siphilisiwe. Futhi noma yini enye esiyidonsa kuNkulunkulu, ivela eNgcebweni engabonwayo.

22 MaKristu; zonke izikhali zobuKristu ukukholwa. Yonk'into esinayo ayibonwa. Izinto kuphela eyizo ngempela ayibonwa, ayichazeki. Izinto ezingachazwa azisizo ezangempela. Ziyizinto zokwenziwa futhi ziyafa. Kodwa izinto ezingenakuchazwa azinakufa, lonke izinga lendawo. Bukani izikhali zobuKristu. Uthando, iyiphi ingxenye yakho ewuthando na? Uthando, ukujabula, ukukholwa, ukubekezela, ubumnene, ukukhuthazela. Niyabo? Akukho nayinye yalezozinto, ungeke wazibona. Azibonwa, kodwa nokho siyazikholwa. Uthando alufi neze. Ukukholwa kungu—kungukunqoba. Sikholwa izinto esingaziboni.

23 Manje, kuJesu kwakunguNkulunkulu. "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." Nalababantu babukholwa ubufakazi baKhe. Nalabo abakukholwa ngeqiniso, babekwazi ukudonsa isibusiso sikaNkulunkulu kuYe. Futhi ngenkathi benze njalo, Wathi, "Amandla aphuma kuYe." *Amandla* nguku "qina." U . . . Ngamany'amazwi,

uma besingakusho namhlanje: Waphela amandla ngenkathi abantu bedonsa kuYe. Awu, uma kwasebenza ngaleyondlela kulowomzimba wenyama, kuzosebenza komunye umzimba wenyama.

24 Futhi sidala isimo sethu sendawo esisizungezile, ngamunye wethu. Kade ninabantu abebengabantu abakahle, kodwa bekul'khuni nje ukuba ube ngakubo. Manje-ke kade ninabanye abantu enithandayo nje ukuba ngakubo. Udala lesosimo sendawo. Futhi, o, ubungethande yini ukuba ngakuJesu kancane nje? Kuyamangalisa! Ubone leso simo sendawo Asidala ukuthi besiyobanjani, sengathi ngiyabona kwakungesikhulukazi nje isixha sothando, nezinhlonipho, nokumesaba uNkulunkulu. Manje, bengihlala njalo ngibezwa abantu bethi . . .

25 Abaningi benu, ngiqagele, usevele uyidlalile iteyipu yalowombono wokugcina enhla lapho, kungani ngikhona lapha eArizona manje. Nalokho kwakuyi . . . O, he! Uma uyithola, ithi, *Sikhathi Sini, Mnumzane na?* Futhi uma uyithola, wake wayithenga iteyipu kithi, thola leyo. Manje, awasiwo awami. Angawenye inkampani ekanye nathi, neteyipu, futhi awasiwo awami. Ngakho, kodwa, ngiyazi umfana unawo.

26 Futhi angizange ngibe nanoma yini enjengaleyo ukuba yenzeke. Abanye babo bathi, "Uma useBukhoneni bukaNkulunkulu, awuMceli ngani *lokhu* noma *lokho* na?" Kwe—kwehlukile kunalokho o . . . Niyabo, lokho abantu abaningi okubiza ngamandla kaNkulunkulu, yizibusiso zikaNkulunkulu kuphela. Amandla kaNkulunkulu ahluke ngakho konke ezibusisweni zikaNkulunkulu. Amandla kaNkulunkulu, eBukhoneni baKhe, awazi nje ukuthi uzokwenzenjani. Uvele nje . . . U—ukakhulu . . . Wesaba kakhulu uze ube ndikindiki, yonke indawo.

27 Kunezinsuku ezimbili, ngisho nasemhlane wami nengemuva lekhanda lami, naphansi naphezulu lomzimba wami, ngangingezwa, nhlobo. Futhi ngakho ngaba ndikindiki ngokuphelele nje, nginokwesaba okukhulu, ngenkathi lesosixuku seziNgelosi simi khona lapha, manje, ume nje, uZibuka njengoba nginjalo manje.

28 Futhi uma ucabanga ukuthi lokho kungaba ngukuthi, "O, awu"? Qhabo. Uma ngempela ulapho futhi ukubona, kwehlukile.

29 Futhi manje, iNkosi uJesu, enguEmanuweli, ufanele ukuthi wayekhathele. Amandla ephumile kuYe. Futhi Wayenomsebenzi omkhulu owawuMhlalele, ngayizolo, ngenkathi Ethi cababa ngaphesheya ngakwelinye icala, njengoba sonke sazi, ngoba Wayewelela eGadara, futhi lapho yilapho Afumana khona loluhlanya. Wacabanga, mhlampe, ngenkathi umkhumbi uwela iGalile, okungukuthi mhlawumpe uthathe isikhashanyana impela, Wavele nje wathatha ithuba lethuba ukuba ake

athi ukuphumula kancane. Lokho akungaphezu—phezu kokwemvelo, noma ubani angakwenza.

30 Babengene emkhunjini naYe, futhi baMweza. Futhi babewele ulwandle, ukuyoshumayela ngapesheya ngakwelinye icala. NoJesu walibona lelithuba elihle kakhulu, ekhathele futhi engenamandla, ngoba Wayengumuntu. Wayengakabi ngongafiyo. WayenguMuntu, futhi Wadingeka afe. Yingaleso sizathu uNkulunkulu wadingeka abe nguMuntu, ukuze afe. Manje, nango Wayelapho, futhi ozela futhi ekhathele. Abafundi baKhe baphakamisa izigwedlo base behlela useyili.

31 Ngalezozinsuku, babene, uma babenanoma yimuphi umoya ovunguzayo, babebophela umkhumbi futhi—futhi wawupheshethwa nguseyili. Futhi ngesinye isikhathi uma wawuhamba kancane kakhulu, nokho wawusiza kancane, ekudonseni kwezigwedlo, babethatha izigwedlo futhi bahambisane nawo. Futhi noseyili, futhi, babenza isikhathi esihle ngempela. Omunye ahlale ngemuva. Ngokuvamile, emkhunjini omkhulu njengalowo, cishe amadoda ayisishiyagalombili noma ayishumi ukuwugwedla. Awu, babene—nesiqondisi-mkhumbi, nomuntu oyedwa enakekela lesisiqondisi-mkhumbi, ngemuva, uma wawuhamba ngoseyili. Manje-ke, uma wawugwedlwa, kusobala, babebophela phansi isiqondisi-mkhumbi bese bedonsa ngezigwedlo zabo.

32 Manje, ake sicabange nje ukuthi babephakamise useyili, ngoba kufanele ukuthi kwakukade kunomoya omncane uvunguza, ngalokho okwenzekile emva kwesikhashanyana. Futhi noma ubani uyazi, leyongxenye yaseGalile, noma ezansi phakathi lapho, o, he, noma yini ingenzeka noma ngasiphi isikhathi. Futhi ngakho babesemgwaqeni wabo, behamba ngomkhumbi bewela.

33 NoJesu ufanele ukuthi waya emuva kwingemuva lesikebhe esincane, washwileka wenyuka, wayeselala phansi enqwabeni encane emuva lapho, ukuze Akwazi nje ukuthi athi ukuphumula futhi alulame ekulahlekelweni ngamandla aKhe, ngenxa yenkonzo yaKhe eyayimhlalele.

34 Futhi abafundi kungahle ukuthi babejabula omunye komunye, ngalokho ababekade bekubonile Ekwenza. Kungahle ukuba kwakuyisikhathi esimangalisayo sabo, ngoba babe—babenesikhathi, befakaza mhlawumbe omunye komunye. Futhi mhlawumbe babexoxisana ngezinto ezithize ababezibonile Ezenza.

35 Futhi manje ake sime lapha umzuzu nje futhi silalele ingxoxo yabo. Kungahle ukuba babexoxisane nge—ngendawo lapho Ayesho into efana nalena, "NGINGUYE ENGINGUYE." Ngenkathi Ethi . . .

Bathi, "Obaba bethu badla imana ehlane, futhi wayengaphansi kukaMose."

36 NoJesu wathi, "Futhi bona ba, bonke, bafile." Babili kuphela abafinyelela ezweni elithenjisiwe, niyabo, uJoshuwa noKalebi. "Bonke bafile. Kodwa NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu, siphuma eZulwini. Umuntu angadla lesiSinkwa futhi angafi." Washintsha, kwakwehlukile. Wayengaba kanjani yiSinkwa na? Bangahle ukuba bedlula kulokho. Futhi bangahle ukuba bedlula . . .

37 Ngokuthi mhlampe kunezihambi lapha, ngenkonzo yokuphilisa, ngingahle ngisho lokhu. Bangahle ukuba bathi . . . Manje, lokho kwakungaba yinto eyodwa Azisholo yona, ukuthi Wayeyilowo "NGINGUYE" owayesesihlahleni esivuthayo. Isizathu, bathi, "Ungumuntu ongakevi emashumi amahlanu futhi uthi ubone uAbrahama. Manje siyazi ukuthi uyahlanya." Niyabo, *ukusangana* kusho "ukuhlanya." "Futhi awukevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala," ngenkathi Wayenamashumi amathathu kuphela. "Kodwa," bathi, "Uthi nje awube neminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi u—uthe ubone uAbrahama na? Manje siyazi uyahlanya." Niyabo?

38 Kodwa Wathi, "Engakabibikho uAbrahama, NGIKHONA." O, he! Engabonanga uAbrahama kuphela, kodwa, "Engakabibikho uAbrahama, NGIKHONA." Futhi Unguye impela nje kakhulu u "NGIKHONA" manje njengoba Wayenguye ngaleyonkathi. Manje, khumbulani, "NGIKHONA" akasuye u "Ngangikhona," noma "Ngiyoba khona." "NGIKHONA" ungonjalo njalo, ngaso sonke isikhathi; nguyena izolo, namuhla, naphakade. "NGIKHONA."

39 Futhi manje-ke bangahle ukuba bathi, "Awu, manje, nasi isizathu esisodwa ukuthi siyazi ukuthi WayenguMesiya. Ngoba, U . . . Siyazi." Manje, Wayesevele eye kolala manje. "Futhi siyazi ukuthi Ubophezelekile ukuba nguMesiya, ngoba siyatshelwa yimiBhalo ukuthi loMesiya uyokwenzani uma Efika." Manje, lokho ngukwazi okuhle kokudabuka kwezinto kwanoma ubani, nokuhle, okuzwakalayo, imfundiso yebandla lomthetho.

40 Yilokhu ebengizama ukufinyelela kukho izolo ebusuku, enhla kokunye, eMesa. Njalo, ungehluleli ngamadlingozi. Yehlulela ngeZwi. Kufanele kube yiZwi. Manje, bhekisisani iZwi nokuthi iZwi lithini, bese-ke wazi ukuthi lokho kuqinisile, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Lokho kukwenza kube ngokuqinisileyo, manje.

Futhi babeMehlulela manje ngeZwi.

41 Manje ukuthola ukuthi ngabe WayenguMesiya yini, ubungabuyela emuva kumuntu owabanika umthetho. UNkulunkulu wawunika bona, kusobala, kodwa uMose wawehlisa entabeni, uvela kuNkulunkulu. Futhi wabatshela ukuthi wayeyobashiya ngoluny'usuku. Kodwa, "INkosi uNkulunkulu yayizovusa umProfethi njengaye, onjengaye: umnikezeli-mthetho, i—iNkosi-mProfethi. Futhi—futhi

kwakuzofezeka ukuthi wonke owala ukuzwa lomProfethi wayezosuswa phakathi kwabantu." Manje, bakuqaphela lokho, ngenkathi uJesu efika.

42 Futhi kwehle njalo ngemiBhalo, babenomyalo, amaJuda ayenawo, ukuthi, "Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina, iNkosi, Ngiyakuzazisa kuye ngemibono. Nalokho akushoyo kufezeka, khona-ke muzweni lowomprofethi, ngokuba Nginaye. Kodwa uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa." Manje, lokho nje kuhamba ngendlela yengqondo. Lokho nje kunengqondo.

43 Njenganenkathi kwakukhona umuntu owasukuma ngesinye isikhathi, uJeremiya, umprofethi omkhulu. INkosi yamtshela ukuthi—ukuthi uJuda wayezoba sezansi eBabiloni iminyaka engamashumi ayisikhombisa. Wathi, "Ungamlaleli umphuphi, kumprofethi, kumbe noma yini esho okuphambene nalokho. Wabeka ijoka entanyeni yakhe."

44 Futhi uAnaniya, manje, uAnanayi wayengumprofethi. Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa wayeyindodana yomprofethi. Uyise wayengumprofethi. Futhi wenyuka, ephansi kokuphefumulelwa, wayesesusa lelojoka entanyeni yakhe wayeselephula, wayesethi, "ISHO KANJE INKOSI, eminyakeni emibili bayabuya." Abantu babengashaya ihlombe kulokho. He, lokho kwakukuhle! Babefuna ukulalela uAnaniya, kodwa kwakuphambene neZwi. Kwakungahambisani neZwi. Niyabo?

45 Ngakho-ke, uJeremiya, wathi, "Ananiya, amen, iNkosi ayivumele amazwi akho ukuba afezeke. Kodwa, linda umzuzu, asikhumbule ukuthi bekunabaprofethi phambi kwethu. Futhi ngenkathi umprofethi eprofetha, futhi uyaziwa . . . Umprofethi waziwa uma isiprofetho sakhe sifezeka."

46 Ngibona abanye abangani abangamaNdiya behlezi lapha. Bengifunda emlandweni wabo, esikhathini esithize esedlule, ngezinsuku zamaKristu zasekuqaleni zamaNdiya. Futhi ayefanele alandele inyamazane, ukuba aphile. Futhi uma kufika umprofethi phakathi kwawo, futhi waprofetha futhi wawatshela ukuthi inyamazane yayikuphi, uba yinduna. Kodwa uma eprofethe amanga, lokho kwakungukuphela komgwaqo wakhe. Ayemsusa, khona manje. Wayengaphili isikhathi eside.

47 Awu, lokho kwakuyizisekelo ezifanayo uNkulunkulu azenzayo. UNkulunkulu watshela uJeremiya, "UAnaniya uqambe amanga. Angizange ngimtshele lokho." Niyabo, kuphambene neZwi lakhe. "Futhi uzosuka emhlabeni phakathi nonyaka." Ngenyanga yesikhombisa wafa. Wamsusa emhlabeni. Manje, niyabo, nakuba wayephefumulelwe, kodwa kwakuphambene neZwi.

48 Akunandaba ukuthi umshumayeli angashumayela ngomfutho kanjani, ukuthi angakwenza kubukeke kahle

kanjani, uma kuphambene neZwi, suka kukho. Deda kukho, kucace.

49 YiZwi. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu, isambulo esiphelele salokho Ayeyikho, lokho Ayikho, nalokho Ayoba yikho. Kuyisambulo esiqhubekayo sikaJesu Kristu. Nesambulo esiphelele sikaJesu Kristu, yileliBhayibheli. Noma yini eyembulwe ngokuphambene naYe, isho ukuthi Uyokwenzani, lokho Ayikho manje, "O, lokho kwakusezinsukwini ezedlula," ningakukholwa. Kuzofanele kube nguJesu ofanayo, niyabo, nalelo yiZwi, manje.

50 Manje sithola ukuthi lababafundi bangahle ukuba babekhuluma ngodaba. Mhlawumbe uPetru kungahle ukuba wathi, "Niyazi, bengicabanga, qobo lwami, ukuthi ngiyamkhumbula ubaba wami engitshela ukuthi kuyofika isiphithiphithi esikhulu ngoluny'usuku. Bebehlala njalo benezikhwifi ezincane. Ukuthi ziyoba khona, ngaphambi kokufika kukaMesiya, kuyoba khona mhlawumbe omesiya bamanga abavukayo. Kodwa wangitshela, 'Ndodana, khumbula lento eyodwa. SingamaJuda. Singabakhethiwe bakaNkulunkulu. Futhi sinomyalo ovela kuBaba wethu waseZulwini, ukuthi, futhi siyazi ukuthi lowoMesiya uyoba ngumProfethi. Futhi uma umprofethi aziwa kuphela uma ekhuluma, nakushoyo kufezeka, ngakho uzokwazi-ke ukuthi lowo nguMesiya.'"

51 Futhi ngenkathi uPetru enyukela eBukhoneni baKhe, ngesimemo, mhlampe, sikaAndreya, umfowabo, owayeMzwile, futhi wabona usuku ukuthi ngenkathi uJohane eMmemezela, futhi lowo kwakunguYe.

52 Futhi uJohane, wabona uMoya, wezwa iPhimbo. Akekho omunye owaLizwayo noma waLibona, yena nje. Zonke izinkulungwane zimi lapho, akukho'muntu owaLibonayo kodwa uJohane. Lathunyelwa yena. "UJohane wafakaza, ebona uMoya kaNkulunkulu ehla, niyabo, nePhimbo livela eZulwini."

53 Ngenkathi uPawulu eshaywa elahlwa phansi ngukuKhanya okwamphuphuthekisa, akukho namunye wabo bonke owabona ukuKhanya. Kwakuyikho ngempela kakhulu, kuPawulu, kwaze Kwaphuphuthekisa amehlo akhe.

54 Izazi zalandela iNkanyezi evela eBabiloni, kwehle njalo. Futhi zazigcina isikhathi, ngezinkanyezi. Zawelela ngapesheya kwakho konke ukuhlolisisa, futhi akukho namunye owaYibonayo. Yakhonjiswa izazi.

55 UNkulunkulu ukhetha lowo Ayomkhetha, wenza Afuna ukukwenza. UnguNkulunkulu. Futhi Akasoze ahamba ngokuphambana neZwi laKhe. Njalo uneZwi laKhe, manje.

56 Futhi uSimoni kungahle ukuba washo lokhu, niyazi, ngenkathi esahlokoma . . . egwedla ewela i . . . lelichibikazi, futhi Yena elele kwingemuva lesikebhe. Wathi, "Ngenkathi

ngenyukela eBukhoneni baKhe, futhi Wathi kimi, 'Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase,' lokho kwakuxazululela, mina. Ngazi-ke ukuthi lowo ngempela kwakunguMesiya, ngoba Wangitshela iqiniso ngempela, engangiboni neze."

57 UFiliphu wayengahle abe nobufakazi bokuthola uNatanayeli, futhi Wamtshela lapho ayekhona engakafiki. Ngahle ukuba bakhuluma ngowesifazane emthonjeni. Bangahle ukuba bakhuluma ngoBartimewu impumputhe, owathinta ingubo yaKhe ngokuma emayadini ayikhulu ukusuka kuYe, mhlampe, nokukholwa kwakhe—kwakhe kuNkulunkulu kwaMthinta. Owesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe! Zonke lezizinto zafakazisa ukuthi WayenguMesiya. Isikhathi esikhulu kanje pho!

58 Manje, khona-ke, bangahle ukuba babexoxa ngesimo sokuziphatha kwabantu ngakuYe. Manje si...Bawela ichibikazi, ngaso sonke isikhathi. Beya ngakuYe, abanye bathi, "Abanye bakholwa. Abanye abakholwanga."

59 Lokho kuyafana njengoba kunjalo namhlanje. Abanye abantu bayaKukholwa. Qhabo, ubungakwenza, akunandaba ukuthi bekungaqinisekiswa kanjani ngokusobala, abanye abayikuKukholwa. Futhi kukhona abanye babo abasemoyeni kakhulu, ngangokuthi, ukunqekuza okuncane kokuqala, bayaKuthola. Nabanye bangagqongqwa, imini nobusuku, futhi abaKutholi neze.

60 Ake ngime umzuzu, kulokhu, futhi ngichaze into ethize. Izimbewu eziwela emhlabathini, uma ziqhuma, zikhula uma ilanga lishaya kuyo, isimo somswakamo. Kodwa uma zingaqhumi, ilanga lingakhanya phezu kwazo, ziyovele zisuke zibole nje, okufanayo. Akwenzeki lutho.

61 Siyaqhuma. Amagama ethu ayabizwa, afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Akunandaba ukuthi singabenkolo kangakanani, lokho akuhlangene ngalutho nakho; ngezinye izikhathi kumelene nathi.

62 Ngizizwa ngisekhaya nomfowethu okahle kangaka njengoMfowethu Groomer lapha, nalaba abanye abafowethu lapha. Ngi—ngizwa nje kuthi angikusho lokhu.

63 Qaphelani uJesu. Siyazi manje ukuthi WayenguMesiya. Futhi ngenkathi Efika futhi wazibonisa Yena uqobo enguMesiya, phezu kwabantu bezenkolo, abaFarisi, abaSadusi, bonke kusukela kubapristi kusukela ozalweni lukaAroni, amakhulu aphindwe kamakhulu eminyaka. Okhokho bokhokho bokhokho bokhokho bokhokho bokhokho bokhokho wabo emuva le, omkhulu, babengabapristi, betadisha iZwi, betadisha abaprofethi. Nabaprofethi ngokusobala bakhuluma ngalokhu. Kodwa ngenkathi uJesu efika futhi wenza lokho,

babephuphutheke njengelulwane nje. Bengabenkolo kuze kuyofika ekugcineni, besmati, benobuhlakani, isihlakaniphi ngakho konke ababeyikho, bephambili kude ngaleya kunomunye wethu namhlanje, beqeqeshiwe eZwini, bakhuliswa kusukela besengumntwana. Futhi ngenkathi iQiniso langempela lisaphazeka ngokuvundla phambi kwabo, nalokho kuKhanya kwakhanya, bathi, "LoMuntu, asikwazi ukukufanisa lokho, ngakho Ufanele ukuba ngudeveli, uBelzabule. Unomqondo omkhulu onamandla. Angafunda ingqondo yabantu." Umfundi wengqondo, besingakubiza kanjalo namhlanje. Abaqondanga.

64 Kodwa manje bukani. Ngoluny'usuku, ngale eSikari, umuzi omncane waseSamariya, noJesu wedlula edabula wayesehlala eceleni kodonga. Nowesifazane omncane, odume kabi, igama elibi; wayenenqwaba yamadoda ayengafanele ukuba nawo. Futhi nangu enyuka, ukuyokha amanzi. Futhi uJesu wathi kuye, "Ngiphuzise. Futhi letha amanzi." Futhi waMtshela ukuthi ba—babengekwenze lokho. Kwakungalungile. Kwakuyinhlamba kuye uku. . . kuYe ukucela owesifazane ongumSamariya into enjalo.

65 Futhi ngokushesha Wamtshela, "Uma bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye!" Manje, wayengakwazi. Wathi, "Uma bewazi ukuthi bekunguBani obekhuluma kuwe, ubuyocela kiMi amanzi."

66 Indaba yaqhubeka umzuzwana. Emva kwesikhashana, uJesu, ethunyelwe enhla lapho emthonjeni, wathi kuye, "Hamba, ulande indoda yakho."

67 Wathi, "Anginayo." Wayesalokhu ephuphuthekile, niyabo, ngoba noma yimuphi umuntu wayengafundisa isayense yezenkolo, niyabo, noma angenza noma yiluphi uhlobo lwesitatimende. Angasho noma yini afuna ukuyisho, lokho kusalokhu kungakwenzi kube ngokuqinisileyo.

Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginandoda."

68 Wathi, "Ukhulume iqiniso, ngokuba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho. Ukhulume iqiniso."

69 Bhekisisani lokho kuKhanya kwashaya leyombewana yokuPhila. Isithombo sakhula. Ngokushesha, umlingo, ngokushesha; lesisifebe, esibhaxabulwe saphuma, esikhahlelwe saphuma, singesuye umpristi oqeqeshiwe! Owesifazane osempilweni embi, kodwa wayemiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade. Futhi ngenkathi lokho kuKhanya kuyishaya, ngokushesha wakuqonda.

70 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, kade singenaye oyedwa iminyaka engamakhulu amane, kodwa nokho siyazi ukuthi kuza uMesiya. NalowoMesiya

uzoba ngumprofethi, futhi Uzositshela lezizinto." Niyabo, wazi uMuntu owamtshela ukuthi wayengeke amtshele amanga.

71 Futhi Wayekwazi. Futhi Wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

72 Akazange abuze omunye umbuzo, kodwa, emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu!"

73 Bukani umehluko. Niyabo, ngenkathi lokho kuKhanya kushaya, kuphakathi kokuthi kuyophuphuthekisa noma kulethe ekuPhileni. Niyabo? Kuzofanele. UkuPhila, umBhalo weBhayibheli!

74 Manje, ngahle ukuba kwakukade kukhona izinto eziningi abantu ababekhulume ngazo. Abanye babo basho kanje, "Akaze kukhulume umuntu njengaloMuntu." Abanye babo bakholwa, bathi, "LoMuntu ubonakala enegunya. Ubonakala eqinisekile impela kulokho Akhuluma ngakho. Asikaze sibone umuntu ongasukuma futhi nje akhulume izinto kanjalo. Sibezwile abapristi bekhuluma. Sibezwile orabi, abapristi, nabo bonke, yonk'into, nezifundo, kanjalo njalo. Kodwa loMuntu ukhuluma ngegunya. Uyakwazi Akhuluma ngakho. Akaze umuntu akhulume kanjalo."

Abanye bathi, "UnguBelzabule."

75 Kufanele ukuthi kwakukade kunguJohane, umfo osemncane, niyazi, ecabanga ngokushesha. Kufanele ukuthi kwakukade kunguye owathi, "Kucabangeni nje! Lo owakwazi ukuthatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, amen; Lo owazi imfihlo yenhliziyo; Unathi, emkhunjini. SinaYe khona lapha. Bazalwane, niyafakaza," angahle ukuba wathi, "kodwa Lo esicabanga ngaye, Ukhona lapha nathi."

76 Leyo yinto efanayo khona manje, Lo esishumayela ngaye, Lo esikhuluma ngaye. Usiza ngani uNkulunkulu kaMose uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Lo esikhuluma ngaye ulapha nathi. O, into enje pho ukucabanga ngayo!

77 Futhi manje-ke, niyabo, futhi babesechibikazini eliyingozi. Futhi u—ukuzizwa uphephe kanje, besahamba ngomkhumbi e—echibikazini elinesiphepho, ukwazi ukuthi Lowo owayelele nabo, emkhunjini.

78 Ungaba ngophephe kanjani nje! Lapho izilwandle zizanyazanyiswa, lapho zingazanyazanyiswa, akwenzi nomncu nje umehluko. Inqobo nje uma wazi ukuthi Ulele khona lapho, kwenza mehluko muni na? Makuze, makuhambe, noma ngabe yini, akwenzi nomncu umehluko. Kulapho. Ngiyakwazi. Wena uthi, "Ngi . . . Ayibusiswe iNkosi!" Udokotela uthi uzobulawa ngumdlavuza; thana nje, "Udumo kuNkulunkulu! Uhambo olusheshayo oluya eKhaya, mhlawumbe." Niyabo? Abanandaba.

79 Ngikhuluma, neqembu lodokotela, ngoluny'usuku. Wathi—wathi, "Ngafunda incwadi yakho ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu."

Ngathi, "Ngiqagele wagxeka."

Wathi, "Qhabo, mnumzane. Ngiyavuma ukuthi uqinisile."

Ngathi, "Ngiyabonga, Dkt. Schoen."

80 Wathi—wathi, "Mfowethu Branham, sinokuqoshwe phansi ukuthi uma sitshela umuntu onokuyisimila, noma—noma into ethize izombulala, isilonda sesilungele ukuqhuma, noma ixhwala, kuya ngokuthi simo sini sokuziphatha abasithathayo. Uma bethola ukuba madabudabu," wathi, "bafa khona manjalo. Kodwa," wathi, "uma bethatha isimo sokuziphatha, 'Awu, ukufa kuyingxenye yokuphila nje. Kulungile, uma ngifa,'" wathi, "uyazi, kucishe impela kululibazise lolodaba?"

81 Ngacabanga nje, "Uma lesosimo sokuziphatha sengqondo, sithathwa kanjalo, siyokwenzani uma uMoya oNgcwele ushaya lowomuntu ongaphakathi na?" Nakho. Kuyi . . . Ngambuza lokho.

82 Wathi, "Impela, kunjalo, uma ungagudlukela kuleyondawana, wenyukele kulokho." Omunye wodokotela abahlinzayo abangcono kunabo bonke nodokotela lapho usezweni eliseningizimu, wathi, "Uma ku . . . Mnu. Branham, kungafakaziswa. Uma umuntu ezonyakaza, engenyukela kuleyondawana, kuze kuthi ngisho nomqondo wakhe uqobo ungazi ngisho nokuthi unakho, ukucabanga ukuthi unakho, futhi angakunaki ngisho nokukunaka," wathi, "kuyokwenza, uma engakholwa lokho." Lokho kuqinisile. Niyabo?

83 Isimo sokuziphatha kwengqondo osithathayo ngakukho siyoletha . . . Manje, umqondo awuyikukwenza. Kodwa uma unikeza leso simo sokuziphatha ngasentweni ethize enokuPhila kuyo, khona-ke lokho kuPhila kuyehla futhi kukwenze. Hhayi isimo sakho sokuziphatha sengqondo; lokho kukuletha kuphela ekuBukhoneni baKhe. Yilokho okwenzayo, umqondo wakho. Imizwa emihlanu ulungile inqobo nje uma ingamphiki uNkulunkulu. Kodwa uma ihamba ukuba iphike uNkulunkulu, khona iyeke kanjalo. UNkulunkulu uyayilawula. Lowo nguMdali.

84 Manje, ukuphepha okunje pho, njengoba ngishilo, sigwedla lolulwandle olunengozi, sazi ukuthi Ulele esikebheni ngqo. Kunento ethize labobafundi ayeyiyo ngalobobusuku, njengoba sinjalo kulobubusuku, babejabulela imiphumela yomhlangano; emva kwemvuselelo, bezitika ngemiphumela yemvuselelo.

85 Manje, uMfowethu Groomer, nomfowethu lapha, nabaningi omunye. Cishe iminyaka eyishumi nanhlanu eyedlule sidabula kulelidolobha, futhi kwakunemvuselelo. He! Futhi niyazi ukuthi senzani namhlanje na? Nje sikhuluma ngakho. Imvuselelo

isiphelile. Isiphelile, kudala. Siphila ngemiphumela yayo nje, silindile.

86 Nalabobafundi babenza into efanayo, bethokoza, bephila ngalokho ababekubonile kwenziwa, mhlawumbe ngayizolo, neviki ngaphambili, nonyaka ngaphambili. Babefakaza ngakho, benikeza, o, ubufakazi obukhulu bakho.

87 Sikwazi kanjani lokho, njengoba uJesu osukwini lwabo wayephumule phakathi kwezimvuselelo, sazi kanjani mhlawumbe Uphumule manje phakathi kwezimvuselelo na? Ya.

88 "O," wena uthi, "manje, awulinde umzuzu, Mfowethu Branham; uphuma kancane emgqeni manje. UJesu akadingi ukuphumula."

89 Yebo, Wakwenza. IBhayibheli lasho ukuthi, "UNkulunkulu wenza amazulu nomhlaba ngezinsuku eziyisithupha, futhi ngolwesikhombisa Waphumula." Impela wakwenza. Waphumula. UJesu, ekhathele, elele esikebheni, Wayelele futhi ephumule.

90 Futhi mhlawumbe emva kokushikwashikwa yimvuselelo esanda kwedlula nje, mhlawumbe Uphumule manje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Ngithemba ukuthi yilokho.

91 Nabafundi wayethokoza ngalokho ababeMbone ekwenza, niyabo, futhi bazi ukuthi Wayenabo.

92 Lolo wuhlobo olufana nomuntu, umqondo womuntu. Umqondo womuntu njalo ukhuluma ngakho futhi uthokoza ngalokho uNkulunkulu akwenzile, futhi bayakusho Azokwenza, futhi benganaki lokho Akwenzayo.

93 Wayengalele, ngempela. Sizofika kulokho, emizuzwini embalwa. Niyabo?

94 Bayokukholwa lokho Akwenzile, futhi bamemeze ngakho. Bayokhuluma ngalokho Azokwenza, futhi bakhazimulise uNkulunkulu. Kodwa lokho Akwenza khona manje, abakunaki. Leyo nje yimvelo yomuntu. Leyo nje indlela akwenza ngayo.

95 Manje-ke, besajabulela izibusiso zenhlanganyelo yabo, omunye komunye, futhi, o, bekubala konke bekuqeda, ababekubone kwenziwa, khona manjalo nakho kuvuka inkathazo.

96 Futhi lokho kuthi nje akube njengoSathane, ukwenza lokho, niyabo, ngqo uma ninomhlangano wobufakazi noma okuthize. Izikhathi eziningi ngi . . .

97 Lapha kungekudala, ngangisemhlanganweni, nje ngilungiselela ukubizela ealtare. Nomfo omdala wagexezela ngqo wagobela kwiphansi lendlu, efe fi, niyabo, ngokuhlaselwa yinhliziyo. Futhi yonke indawo yaphazamiseka. Futhi ngiyakhohlwa . . . KwakuseShawano, eWisconsin. Ngacabanga, "Nkulunkulu, ngingenze njani na?" Ngabuka *ngapha*, ngase

ngibona indoda endala embonweni, iphuma ngomnyango. Ngazi khona-ke ukuthi ngenze njani.

98 Kungekudala, nalomxhasi omkhulu kaOral Roberts, udokotela enhla lapho ePhiladelphia, yini lokho na? Uyi . . . Ngiyalikhohlwa igama lakhe manje. Ungudokotela wamazinyo. Ungumxhasi omkhulu wohlelo lwakhe lwethelevishini. Angisalicabangi igama lakhe. Futhi si . . . [Omunye uthi, "Barton."—Umhl.] UBarton. Sasinomhlangano, futhi nje ngase ngilungiselela ukubizela ealtare. Futhi ngaqaphela owesifazane wenza okuxakile ngempela, nendodakazi yakhe yagijimela laphaya, iqala ukumhlikihla ebusweni bakhe. Ngacabanga, "Awu, uphansi kokuquleka." Futhi khona manjalo, izinyawo zakhe zaphuma zaqonda thwi, nezandla zakhe zaya ngemuva *kanje*.

99 UDkt. Barton wagijimela ngale lapho ayekhona, wathatha ukushaya komthambo wakhe. Wayengasenakho. Wangibuka, wanikina ikhanda lakhe. Awu, ngazama ukugcina umqondo wabantu . . . Babehlezi ngaphandle, isixuku esikhulu. Ngisisusa kukho, kanjalo, nje ngiqhubeka, ngikhuluma. Futhi ngakho wathi, "Hamba ulande uBranham omncane." Lowo kwakunguBilly. NoBilly wambona lowo wesifazane ofile. Wayengezukwenza lutho ngalokho. Niyabo? Wayengakufuni lokho. Awu, ngathi nje lapho ngiqala ukukhuluma futhi . . . Manje, uDkt. Barton, njengoba nimazi, ningahle nimbuze.

100 Ngaqala ukukhuluma futhi, ngathi, "Manje, wonk'umuntu, ningaxhuxhumi. Yibani nilokhu nithule." Ngesinye isikhathi uma ubona idemoni lizama ukuphuma kumuntu, babangabangahloniphiyo kakhulu, isixuku sibamadabudabu. Lokho kuyinto eyiphutha ukukwenza. "Hlalani nithule. Ningaxhuxhumi. Ulapha."

101 Futhi ngesikhathi ngisakhuluma kanjalo, angazi ukuthi kwaze kwenzeka kanjani, kodwa ngaphendukela ngakuye ngase ngibiza igama lakhe. "Mary, buka lapha." Futhi ngenkathi enza, kwathi dwe kuye, uyaswanguluka.

102 Niyabo, kuyilesosikhathi esizanyazanyiswayo. Masinya nakho kuvuka inkathazo, ngesikhathi ngqo.

103 Manje, manje, ningahle nimbuze uDkt. Barton ngalokho. Ngahlangana naye ngosuku olulandelayo, futhi wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "lowo wesifazane wayengenanhliziyo. Ngiyehlisele lapha esifubeni sakhe—sakhe. Ngithatha inhliziyo yakhe entanyeni yakhe, ndawo zonke." Wathi, "Wayengasekho." Futhi, manje-ke, babengumndeni ocebe ngempela, futhi kwakungokokuqala ukuba aze abe semhlanganweni onjalo. Futhi u . . .

104 Ngahamba, ungenyusele endlini yakhe, wayesethi, "Ngakuzwa ubiza igama lami." Futhi angikaze ngimbone

owesifazane empilweni yami, kodwa kwakunguMoya oNgcwele. Niyabo?

105 Manje, khona manjalo, nakhu kuvuka inkathazo. Umkhumbi uqala ukungqangqazela. Amagagasi aphakama. Futhi, useyili, mhlawumbe umoya wehla nje unokuputshuka okuthukuthele futhi wawubhaxabula wasuka ngqo esigcotsheni esiyiphizela. Nomkhumbi wangqangqazela ngale, namagagasi amakhulu aqonga ase ephosa amanzi phakathi phezu kwesikebhe. Nesikebhe siqala ukugcwala amanzi. Inkathazo! Onke amathemba okusinda ayebonakala engasekho, nakuba babeMbonile enza izinto eziningi kakhulu. Babekubonile, kodwa, ngenkathi kungena inkathazo, konke kwase kukhohlwakele.

106 Angazi noma lokho akucishe yini nje kube wudaba kulobubusuku. Siyakwazi esikubonile uNkulunkulu ekwenza kulemvuselelo. Nina befundisi niyakwazi lokho. Niyawabona amandla aKhe—aKhe. AwaKhe, ukuthi Wabavusa kanjani abafileyo; isitatimende sikadokotela. Wazisho ngaphambili izinto ezenzeka, kwathi ncamashi. Uphilisa abagulayo. Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane iphilisiwe, umhlaba jikelele. Kodwa manje kusafika ukuthi lothololo okuncane, bese kuthi-ke uma kugadla inkathazo, ngabe siyakukhohlwa lokho ngokushesha okukhulu na?

107 NjengoIsrayeli nje, ngenkathi Esenze zonke izinhlupheko eGibhithe, futhi wenze izinto ezinkulu Azenza. Kwase kuthi-ke ngenkathi sebefika oLwandle oluBomvu, uMose wadingeka ampompoloze kakhulu, "Nizibonile izimangaliso eziyishumi, futhi nisalokhu nimngabaza uNkulunkulu na?" Ngenkathi bengatholi manzi emgodini omdala wokunisela, babevungama, bekhononda. Lokho nje yizidalwa ezingabantu. Bazikhohlwa zonke izimangaliso Azenza. Niyabo? Siyakwenza, nathi.

108 Mhlampe lababafundi babekuthole konke, ngoba isikhathi senkathazo. Manje uma sithola i. . . Babengene enkathazweni ukuthi babengatholi khambi layo. Inqobo nje uma sithola ikhambi, sibambelela kulo ngqo. Kodwa babengene enkathazweni ababengatholi khambi, futhi besaba. Bakhala. Besaba ngenkathi bengenakhambi.

109 Ngizithembise mina uqobo ukuthi ngizokhipha ibandla lapha ngelesishiyagalolunye nqo. Ngakho ngingahlala kulokho isikhathi eside, kodwa ngi—ngizama nje ukushaya izindawo eziphakeme, lapho eningabona khona.

110 Mfowethu, kunenqwaba yenkathazo kulobubusuku esingenakhambi layo. Nginoxhaxha, uhlu phansi lapha, izinkathazo zikazwelonke. Abakwazi kuxazulula khambi. Abazi ukuthi kwenziwa kanjani. Ama-U.N., iziNhlangano zeZizwe, nakho konke lokhu ukukhuluma, kuya ngokuba kubi kakhulu ngokuba kubi kakhulu ngaso sonke isikhathi.

111 Ngalobobusuku eFinland, ngenkathi lowomfanyana kade ebulewe esitaladini ngalolosuku. Imeya yedolobha inakho kubhaliwe, futhi nginakho kusayinwe wuphawu lwayo. Ngibone umbono wakho, iminyaka ngaphambili. Ngenkathi ngidabula eArizona lapha, nginitshela ngawo, "Kuyoba nomfanyana ovuswa kwabafileyo, nokuthi uyobukeka enjani." Nonke niyakukhumbula, abaningi benu. Manje, kwenzeka nje ngaleyondlela. Nganitshela ukuthi kuyobonakala kwi *The Voice Of Healing*. Yakwenza, cishe eminyakeni emibili kamuva, noma emithathu. Niyabo? Manje, bonke baphazamiseka, nakho konke lokho kuqhubeka, futhi lalikhona ikhambi. UNkulunkulu wayenekhambi, futhi Wamphilisa umfanyana.

112 Lobobusuku, ngehla ngesitaladi eKuopio. Futhi ngenkathi sehla ngomgwaqo, cishe abayisithupha balaba bafana abancane abangamaFinishi . . . Babenaleyompi nje, nabafo abancane babengakaze bashefe. Kwaku—kwaku . . . Babengababafanyana ababefanele babafake embuthweni. Lawo maRashiya ababulala abaqeda. Futhi babehlela lapho, nalena emikhulu, emidala, emide, imimmese eyizinsabule, bebamba izixuku, ngisehla ukuya kulokho ababekubiza ngeMessuhalli, lapho abadedela khona cishe izinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhlanu, bese-ke bebenza baphume, bese-ke bengidedela ngikhulume kwezinye izinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhlanu noma amashumi amane.

113 Futhi ngasemgwaqeni, nakhu kwakumi amasosha amaRashiya. Futhi ngenkathi ngedlula, nesaluthe yamaRashiya, nezinyembezi zehla ezihlathini zawo. Futhi ngenkathi ngedlula, badumela lawo masosha angamaFinishi futhi bawagona. Mfowethu, noma yini eyokwenza umRashiya agone umFinni, noma umFinni agone umRashiya, kuyoxazulula izimpi. Bedlule into exazulula izimpi, kodwa abasoze bakwazi ukuzuza ngempumelelo ikhambi ngenzuzo yempumelelo eyenziwe ngumuntu.

Selivele lenziwe. UMuntu wafela leyonhloso.

114 Ibandla linezinkathazo abangenakhambi lazo. Azokwenza kanjani onke amaMethodisti athole amaBaptisti ukuba abe yiMethodisti na? Ngiyamangala nje. Azokwenza kanjani onke amaAssemblies enze yonke iOneness ibe amaAssemblies, noma amaAssemblies ayengapha nangapha na? Azokwenza kanjani onke amaPentecostal awine yonke iPresbyterian, amaLuthela na? Futhi lizokwenza kanjani iKatolika ukuba lithathe yonke into na? Niyabo? Awakwazi nje ukukufanisa, ilona liphi lawo elizobusa. Niyabo? Awazi. Awanalo ikhambi. Kulungile.

115 Kodwa, benazi yini, babengenalo ikhambi ukuthi simiswa kanjani lesosiphepho, kodwa ikhambi lalilele lapho.

116 Futhi ake ngisho lokhu, mfowethu, kulobubusuku. Kuzo zonke izinkathazo zethu, sisalokhu sinalo iKhambi. *Nanti*,

ngokuba UyiZwi. Lilele khona *Lapha*, noMoya waKhe ukhona lapha ukuLibonakalisa. Ngakho, sinalo iKhambi. Kodwa sizama ukuthola ezinye izinto, ukuba siqale enye inhlangano. Lowo yithi. Niyabo? Asikwazi ukukunqoba. Sekuvele kunqotshiwe. Siyehluleka nje ukuhamba ngendlela esinqotshelwe ngayo.

Kodwa bakhathazeka.

117 "Uma bezoba nenkonzo yokuphilisa ezansi kwaGroomer, awu, niyazi kukhona into ethize ngalabobantu engingayithandi. Bangabagingqiki abangcwele. Angiyi ezansi lapho." Awu, nakho lapho okhona. Niyabo? Yilokho-ke. Kungaleyondlela-ke nje. Niyabo? Ya. Kuyi . . .

118 Kodwa uKristu uyileloKhambi. Uyinto engalenza. Abafundi baKhe, namuhla, bangena enqwabeni yenkathazo, futhi abalazi iKhambi. Kunjalo.

119 Futhi ake ngisho lokhu. Izikhathi eziningi abangcwele baKhe abaligugu bangena enkathazweni, nabo, inkathazo yangokomzimba, kodwa lapha sineKhambi. Amen. Sinaso iselapho.

120 Ngicabanga ngowesifazane ohlezi lapha enenkathazo yamaphaphu, bese kuthi-ke; lomoya-mpilo ioksjini, ngimuzwa ephefumulela kuyo. Ngiyacabanga ukuthi ilala kanjani ebusuku leyonto bandla. Ngicabanga izindleko lokho okuyizo. Dadewethu, lapho, ngiyalazi iKhambi. Li*Lapha*. Awudingi ukuba wenze lokho. Kodwa uzodingeka uLisebenzise. Uyabo?

121 Manje, abafundi bangena enkathazweni yangokomzimba, inkathazo odokotela angenalo ikhambi.

122 Njengalabo bafundi nje, babenenkathazo. Babengabafundi, futhi babene—babenenkathazo abaqondisi bemikhumbi ababengenakuyelapha. Ba . . . Akekho owayengayelapha, kodwa iKhambi lalilele khona lapho.

123 Futhi ungahle ube nenkathazo kulobubusuku udokotela angeyelaphe. Kodwa sinaYe khona lapha manje, njengoba babenaye. Ukhona lapha. Kunjalo. Thina, njengalabobantu, sikhohliwe ukuthi Ubani osemkhunjini. Akusilo nje ibandla. Akusiyo nje imigomo esihamba ngayo. Kodwa nguMdali wamazulu nomhlaba. Angahle ukuba uphumule khona manje emvuselelweni. Wathumela eyodwa. Angahle ukuba uphumule.

124 Wayenenye eyayiMhlalele, ngosuku olulandelayo, uhlanya lwaluzofanele luphiliswe. Kodwa, ngalesosikhathi, Wayephumule, nenkathazo yangena. Futhi Wayelele, ephumule. Kodwa bakhohlwa ukuthi KwakunguBani, niyabo, esiyaluyalwini. "Awu, ngiyazi, kodwa donsa ku*leso* sigwedlo, Simoni. Andreya, qinisa kakhulu ku*leso* sigwedlo! Sizokwenzenjani na?" Niyabo? Nakho-ke.

125 Nixakwa yini nonke na? "Udokotela washo *lokhu*. Udokotela washo *lokho*." Awu, mhlawumbe wakusho. Mhlawumbe indoda

iqinisile. Yilokho eyakushoyo. Kodwa, kuthini Lokhu na? Leyo yinto elandelayo. Niyabo?

126 Futhi enye into. Emva kokuba sebeMazi ngendlela abenza ngayo, babefanele bazi ukuthi uMuntu owayekwazi ukusho imicabango umuntu ayeyicabanga, futhi azi ukuphela kusukela ekuqaleni, azi ukuthi kwakuzokwenzeka noma kanjani. Amen. Manje, ningakwenzi, ningakugeji lokhu. Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Ngingabaza kakhulu impela ukuthi Wayelele. Kodwa Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. WayenguNkulunkulu, noNkulunkulu ungongenasiphelo, ngakho Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Futhi Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka nini. Futhi kwenzeka kuphela, ukuvivinya ukukholwa kwabo. Akashongo njalo, kamuva na?

127 Futhi yingakho nigula kulobubusuku, mhlawumbe. Yingakho kukhona ukuthi lothololo kwemvuselelo, ukubona ukuthi nizokwenzenjani ngalokho enikubone kwenziwa. Ngabe nizokucosha, nenze enye inhlangano ngakho na?

128 UNkulunkulu owagudlukela enkundleni, ngenkathi lodadewethu, ohlezi lapha, bamletha emgqeni, ezansi lapha kulelo elincane, ibandla laseMexico ngalolosuku, umdlavuza enhliziyweni. Udokotela wakhe une x-reyi. Umyeni wakhe uhleli lapho. Bathi, "Kunowesifazane ofile emgqeni."

Ngathi, "Mletheni." Ngangiqinisekile ukuthi Wayelapho.

129 UDadewethu Waldrop, lokho sekuyisikhathi eside esedlule, iminyaka eyishumi nesithupha. Niyabo? Efa, enomdlavuza! Khumbulani, lowoNkulunkulu ofanayo usesemkhunjini. Ningaxakeki. Kunobufakazi obebungaphendula iPhoenix, iMaricopa Valley, noma izwe, ligumbuqeke, obubodwa emashumini ezinkulungwane.

130 Usekhona lapha. Kodwa sithola konke ukuxakeka, niyabo, njengoba benza. "O, he! Donsa ku*lesi* isigwedlo. Sizokwenzani okulandelayo na?" Manje, ningacabangi ngalokho. Inqobo nje uma Esemkhunjini, khohlwani yikho. Ngempela. Manje, Wakwenza kuphela ukuvivinya ukukholwa kwabo. Futhi awusitsheli yini umBhalo wethu ukuthi, "Lezizivivinyo zibekwa phezu kwethu, futhi ziyigugu kakhulu kithi kunegolide na?" Asicabangi kanjalo, kodwa iBhayibheli liqinisile.

131 Naningathini nje uJobe ejabulela ukuphihlika amathumba, nazozonke lezizinto zingasekho, elahlekelwa yiwo wonke umcebo wakhe nabantwana bakhe, nayo yonke into na? Kwakungelula kakhulu, kodwa uNkulunkulu wayefakazisa kuSathane ukuthi Wayenomunye umuntu Ayengabeka ithemba kuye. Mhlawumbe Uzama ukwenza into efanayo odabeni lwakho, nani nonke. "O, bazoKushiya. Bazo . . ." O, qhabo. UJobe, babengenakumenza uJobe enze lokho. Qhabo, mnumzane. Niyabo? Uzama kuphela ukubafakazisa.

132 Khumbulani, emizuzwini embalwa, Wathi, "O, nina bokukholwa okuncane. Beningeqonde yini mayelana nokuhlephula isinkwa futhi ngondla izinkulungwane ezinhlanu na? Anazi yini nginguJehova ofanayo owabondla iminyaka engamashumi amane phandle lapho ehlane, kohhavini, eZulwini, ngenkathi Ngikuthululа njalo ebusuku na? Nesabani pho? Anazi yini ukuthi Ngomisa uLwandle oluBomvu, ngoluny'usuku na? Anazi yini Ngavula gembeqe umhlaba futhi ngagwinya ongakholwayo na? Ngoluny'usuku Ngalinganisa umhlaba ngase ngikhwifa, phandle emkhathini ngaleya." Futhi Usemkhunjini. Manje, lokho akusikho okuyinsumansumane. Lelo yiqiniso. Yebo.

133 Kuyafana manje. Uzama ukusivivinya futhi abone lapho esizoma khona, noma qha. Asuse imvuselelo, bese eqala impikiswano ebandleni, ukubona nje ukuthi nizokwenzani. Adedele uSathane phakathi kwenu, phakathi, abone ukuthi nizoma kanjani. Amdedele anishaye ngento ethize, abone ukuthi hlobo luni lokuma enizoluthatha. UJobe wathi, "Noma Engibulala, nokho ngiyoMethemba." Amen. Amen. Yilokho-ke.

134 UShadiraki, uMeshaki, noAbedinego, bathi, "UNkulunkulu wethu unamandla ukusikhulula kulowomlilo, kodwa nokho asiyeki." Impela.

135 Kodwa sithola konke ukuxakeka, niyazi, njengoba benza, abafundi. Ba . . . Singumuntu, njengoba babeyibo nje.

136 Futhi Wayefakazisile ukuthi WayenguBani, futhi manje-ke, noma kunjalo, emva kokuba Esefakazisile ukuthi unguNkulunkulu wokudaliweyo. WayenguMdali. "Wakwenza kanjani Yena na? Awu, ngitshele ukuthi Wadedelani, ukupheka lesosinkwa nokupheka lezozinhlanzi." Awu, A—Akadalanga izinhlazi kuphela, kodwa Wazipheka izinhlanzi, ngesikhathi esifanayo. Lelo yiqiniso.

137 Yavelaphi leyomana, iphuma eZulwini, ukudla kwangempela okwagcina abantu bephilile iminyaka engamashumi amane na? Isinkwa, sehla sivela eZulwini. Wasitholaphi na?

138 Ayitholaphi lawomagwababa leyonyama nesinkwa, ukondla uElija na? Ubuhlakani begwababa, ukupheka inyama ethize, futhi abulale inkomazi futhi ayihlahlele, futhi ayipheke futhi enze iziteki, futhi ayibeke phezu kwesinkwa futhi akubhake, futhi akulethe kuElija.

139 UnguNkulunkulu. Asikukholwa, khona-ke singabangakholwayo. Yilokho kuphela. Sifanele sikholwe.

140 Yilokho okwenziwe nguAbrahama, "Wabiza noma yini ephambene nakho sengathi akuzange ngisho kwenzeke." Akunandaba ukuthi wayeseguge kangakanani, noma kangakanani, wavele waqhubeka nokudumisa uNkulunkulu nje ngesithembiso, waqhubeka naso.

141 Manje, Wakufakazisa Ayeyikho, ngeZwi laKhe nezibonakaliso zaqinisekiswa. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi elotshwe ngaMi, khona-ke ningaNgikholwa." Niyabo? Manje, lapho ukubamba kanjalo-ke. Ngithemba ukuthi nithola ukucabanga ngokujule ngempela lapha. Niyabo? Njalo bhekisisani leloZwi.

142 Yilokho—yilokho uSathane ahlasela ngakho uEva, ensimini yaseEdeni, futhi wamzindlisa ngakho, ngemizindlo.

143 Kodwa ngenkathi ebuya futhi wahlasela uKristu, waphosa izinto zabuyela ngqo kuYe futhi. Wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, manje ngithanda ukubona isimangaliso. Uyazi, angikaze ngisibone esisodwa. Ngithanda uphendule lawa . . . Ulambile. Yenza lamatshe abe yisinkwa."

144 Wathi, "Kulotshiwe . . ." O, he! Nakho lapho okhona. Phezu kwesiqongo sethempeli, "Kulotshiwe . . ." Phezu kwentaba ephakeme, "Kulotshiwe . . ." Wahlala naleloZwi ngqo, wayesebeka umfo omdala endaweni ngqo lapho ayengowakhona.

145 Manje, Wathi kulabobafo ababengaMkholwa, ababecabanga ukuthi Wayeyisangoma noma—noma uhlobo oluthize luka—luka—lukaBelzabule, udeveli, phansi kokukhonza imimoya yabangasekho, ukuthi Wayazi imicabango yezinhliziyo zabantu, nezinto, bezama ukwenza lokho. Wathi, "Ubani kini ongaNgilahla ngesono na?" Wathi futhi, "Uma ningaNgikholwa," wathi, "hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade; futhi iyinto, yiYo efakaza ngaMi. Iyinto eyenza inkonzo yaMi ibe yilokho eyikho." Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? "Yiyo efakaza ngaMi." Niyabo? Ebhekisela (kuphi na?) emuva ngqo emiBhalweni futhi. "Yiyo efakaza ngaMi. Iyanitshela ukuthi NginguBani." Amen. Udumo kuNkulunkulu!

146 ImiBhalo uyakutshela noma uyikholwa noma qha. ImiBhalo iyakutshela ukuthi umi emgqeni noma qha. Umazi kanjalo-ke umuntu, ngobufakazi bakhe. Hhayi akushoyo nga*lokhu*, kodwa ukuthi uma kanjani emgqeni nomBhalo. Qiniso. Ukwazi kanjalo-ke.

147 UJesu wabamema ukuba bakwenze. "Uma Ngingahlangabezananga nazozonke izimfanelo zikaMesiya, khona-ke Ngitsheleni lapho eNgikugeje khona." O, he! Lokho kuhle. Akunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Ngitsheleni lapho eNgikugeje khona, uma Ngingahlangabezananga nemfanelo, uma Ngenze khona impela imiBhalo eyathi Ngiyokwenza."

148 O, mKristu, ukuba besingazimisa emgqeni phakathi lapho, senze lokho umBhalo othi umKristu ufanele akwenze!

149 Babefanele bazi ukuthi WayenguNkulunkulu wokudaliweyo. Futhi wayenga . . . Wayenguye impela owadala

amanzi nomoya. Babefanele bakwazi lokho. Futhi uma babazi ukuthi Wayeyilokho, ngabe abaqondanga yini ukuthi lokhu okudaliweyo komdali kwakuyofanele kulalele iZwi laKhe, o, he, uma Akudala na? Ubani omkhulu kunakho konke, okudaliweyo noma uMdali na? Njengoba uJesu athi, "Ubani omkhulu kunabo bonke, lowo othunyiwe, noma yiLowo omthumile na?" Ehhe. Niyabo? Yimuphi omkhulu kunabo bonke, okudaliweyo noma uMdali na? UMdali. Futhi babonile, futhi Wafakazisa, ukuthi WayeyilowoMdali. Bese kuthi-ke uma WayeyilowoMdali, wayekwazi, okudaliweyo kwaKhe kwakungeMlalele na?

150 Asikhumbule futhi ukuthi Wadala imizimba yethu. Imizimba yethu ayikulalela ukuyala kwaKhe na? "Uphimise lowomdlavuza," Usho emzimbeni, futhi usuke uhambe. Thatha leloZwi nje bese uLitshala phakathi lapha bese ubona ukuthi kwenzekani. Impela. Yebo, mnumzane. Imizimba yethu uzofanele ulalele ukuyala kwaKhe.

151 Uthi ungumKristu. Ngiyakholwa unguye. Uyakholwa. Uphumule kukuphi na? Ngoluny'usuku Uyovusa imizimba yethu, emva kokuba ngokoqobo, isibhubhe nya. Uma ungakukholwa lokho, uyelani pho endlini yokukhonzela na? Uyabo? "Uma kungekho ukuvuka, ngabe thina asisibo yini, phakathi kwabantu, abokuhawukelwa kakhulu na?"

152 Kodwa iZwi laKhe lesithembiso, "Okholwa yiMi, noma wayefile, nokho wophila. Amen. Ngingukuvuka nokuPhila. Amen. Odla inyama yaMi aphuze iGazi laMi unokuPhila okuPhakade, futhi Ngiyakumvusa, izinsuku zokugcina." Ngani na? Umzimba, imilotha, imilotha yentaba-mlilo esenziwe ngayo, ilalela ukuyala kwaKhe ngoba UnguMdali wawo.

153 UkuPhila okuphakathi kwethu akusikho kuphela ukuPhila okunokudala, kodwa kuyingxenye yokuPhila kwaKhe uqobo. Yingalesosizathu sinegunya lokukhuluma kudeveli, ngoba ngukuPhila okunokudala kukaNkulunkulu uqobo, uma ugcotshiwe. Ngokuyikho. Hhayi wena, akusuwe okhulumayo, kodwa uBaba ohlala kuwe. Uyabo? "Ningacabangi ukuthi niyothini, ngoba kuyenezelwa ngalesosikhathi." Qhubekani nje, hlalani nakho. O, ngiyakuthanda lokho!

154 Emva kokuba abafundi sebezithole sebesekupheleni kwendlela yabo, kufanele ukuthi kwasa kwabanye babo, ukuthi Wayesalokhu enabo. Emva kokuba befika ekupheleni kwendlela, kufanele ukuthi kwasa komunye umuntu, "Awu, lapha, empeleni, besilapha sinikeza lobubufakazi. Nango Elele, khona lapho. Niyabo? Usathe nje ukuphumula phakathi kwezimvuselelo. Futhi lapha siyaqophisana futhi siyathakhazeka, futhi sonke sikhathazekile, futhi simadabudabu, futhi singabaza, futhi sesaba, yonke enye into. NoMdali ulele khona lapha esikebheni." O, he!

155 O Nkulunkulu, makuse kwabanye bethu futhi. Makufezeke, Nkosi, ukuthi kungasa, kungasa kithi.

156 Lowo nguyena Nkulunkulu impela owakuthatha, wakwehlukanisa kunyoko. Yena impela uNkulunkulu okupha uMoya oNgcwele! UnguNkulunkulu impela nje kakhulu khona manje njengoba Wayenjalo ngenkathi—ngenkathi E—ngenkathi Ekupha uMoya oNgcwele. Usondele impela nje kuwe njengoba Wayenjalo ngayo leyonkathi. Impela nje. Nifanele nikhumbule, Uhlala njalo elapho, njalo. Kunjalo.

157 Kwasa kwabanye babo ukuthi uMdali wayenabo esikebheni.

158 Ngiyamangala kulobubusuku uma abantu abagulayo, lokhu ngizokhuluma kwabagulayo emzuzwaneni, uma kungasa kini ukuthi yena impela uNkulunkulu enethembela kuye, uMdali wamazulu nomhlaba, Owenza umzimba wenu, ukhona lapha. Mkhulu nje kulobubusuku njengoba Wayelokhu enjalo. UnguNkulunkulu. Angeke athola noma yikuphi okuncane futhi ebe esalokhu enguNkulunkulu, inqobo nje uma EnguNkulunkulu.

159 Wena uthi, "Yiqiniso lelo, Mfowethu Branham na? NgumBhalo lowo na?"

160 AmaHeberu 13:8, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ya. Nguyena.

161 Besifanele sibe yini isicelo sethu kulobubusuku, Mfowethu Groomer, Mfowethu Noel na? Siyini isicelo sethu? Vusa uJesu. Uma kukhona inkathazo ezungezile, asi—asiMlethe enkundleni. Amen. Vusa uJesu, ngokuba sinaYe nathi. Unathi, impela, Unathi, ngokufanayo nje njengoba Wayelokhu ekhona. Babonile nje umBhalo weZwi lokho uNkulunkulu akukhuluma ngaYe, kwaqinisekiswa nguYe. Ngakho sibenjalo nathi.

162 Niyazi, ngoSuku lwePhentekoste, uPetru, ephefumulelwe nguMoya oNgcwele, wasukuma lapho. Futhi abantu bonke wayehleka, ehlekisa ngaleyombijana encane yamaJuda phandle lapho, engingiza, futhi ephimisa, futhi egxaza amathe, futhi enzisa okwesigejane sabantu abadakiwe. Nalobobantu abakhulu bezenkolo bemi lapho, bethi, "Ngani, lababantu bagcwele iwayini elisha."

163 NoPetru wasukuma, futhi bahlabeka enhliziyweni yabo ngenkathi bezwa leyontshumayelo umshumayeli ayishumayelayo. Walendlala ngempela iVangeli. Wathi, "Madoda aseJudiya, nani enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini, futhi nilalele amazwi ami. Laba kabadakiwe, njengokucabanga kwenu, lokhu leli kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa lokhu . . ." "Mhlampe"? Qhabo. "Lokhu yilokho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli. 'Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, usho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama: phezu kwamadodana aMi nezincekukazi zaMi nezincekukazi eziyizisebenzi

Ngiyakuthulula uMoya waMi. Ngiyakukhombisa izimanga ezulwini phezulu, nomlilo nomusi. Na—naphezu kwezincekuzi zaMi eziyizisebenzi, futhi ziyakuprofetha; nabadala benu bayakuphupha amaphupho, nezinsizwa zenu ziyakubona imibono.'" Kunjalo na?

Base bethi, "Singenzenjani na? Singakuthola kanjani Lokhu na?"

164 Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwe kwezono zenu, khona niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Futhi siyatshelwa ngabanye ukuthi lokho kwakuqeda. Kodwa bona, lokho yi . . . Uma ubuzoma lapho, lokho bekuzokuqeda. Kodwa qhubeka, Akusho. "Ngokuba isithembiso ngesenu, esabantwana benu, labo okude, ngisho bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

165 Ebusweni bezwe lamahlelo abandayo, siyafakazisa ukuthi lelo yiQiniso. Amen. Uma leyongxenye yeZwi iqinisile, konke okwaLo kuqinisile. Ya. Babewubonile umBhalo uqinisekiswa nguYe. Siwubonile, nathi.

166 Wayengel'khuni ukubizelwa enkundleni yomnyakazo. Kulula kabi ukuMbiza. Mbhekisise uma Eza emnyakazweni, nokho. Yilokho engikuthandayo, ukuMbona uma Eza esixukwini sabantu. Mbhekisiseni uma E . . .

Bathi, "Nkosi, siyabhubha."

167 Wacikica amehlo aKhe, wathi, "Nina bokukholwa okuncane, ningabazeleni na? Anikubonanga yini konke eNgikwenzile na? Ngabe aku . . . Ngabe aku—ngabe umBhalo awufakazelwanga yini yiMi na? Yonke imiBhalo yakhomba kiMi. Futhi nishilo, sonke isikhathi, beniNgikholwa. 'Yebo, Nkosi, siyaKukholwa. Sizokwenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*.' Futhi uma kuqubuka inkathazo encane, khona-ke nisuka nihambe."

168 Lowo akusithi namhlanje na? Impela yithi. Kunjalo. Ya. "Nithe niNgikholiwe, kodwa anikwenzanga ngani na? Nikungabazeleni na?"

169 Owesifazane wathi kimi, ngesikhathi esithize esedlule. Ngingahle ngibe nere- . . . washo lokho lapha ngesinye isikhathi. Kuzothela ukukuphinda. WayeyiSayense yamaKristu. Wayesethi, "Mfowethu Branham, ngi—ngiyazithokozela iziphawulo zakho ozisho ngomBhalo. Kodwa," wathi, "kunephutha elilodwa nje onalo."

170 Ngathi, "Ngiyabonga. Elilodwa nje? He!" Ngathi, "Ngithole umusa ngempela ebusweni bakho."

171 Wayesethi, "Leliphutha lingukuthi, ukuthi, uqosha kakhulu ngoJesu."

172 Ngathi, "O, he!" Ngathi, "Uma lelo kuyilona phutha kuphela enginalo, ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzwa—

uzwa ukuthi nginephutha elilodwa kuphela uma ngifika lapho. Futhi uma kuyilelo kuphela elilodwa, ngiqinisekile ngizongena." Ngathi, "Ukuba benginezilimi eziyizinkulungwane eziyishumi, bengingeqoshe ngaYe ngokwenele. Akunandaba ukuthi bengingathini, bengingeqoshe ngaYe ngokwenele."

173 Wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, uMenza ongonobuNkulunkulu. UMenza uNkulunkulu."

174 Ngathi, "Wayenguye, futhi Unguye. Futhi uma Wayengesuye, Wayengumkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe eselake laba nabo." Kunjalo.

Wathi, "O! Unga . . . "

Ngathi, "Awukukholwa lokho na?"

175 Wathi, "O, Mnu. Branham, ngiyakholwa Wayenguthisha." Wayesethi, "Ngiyakholwa Wayengumprofethi, kodwa Wayengumprofethi osobala nje njengabo bonke abanye."

Ngathi, "O, he! O! Uphaphalaza kakhulu."

Wathi, "Ngizokufakazisa kuwe."

Ngathi, "Kanjani?"

176 Wathi, "EmiBhalweni, ngenkathi uLazaru . . . UJohane oNgcwele, isahluko 11, ngenkathi uLazaru efa, iBhayibheli lasho, ukuthi, 'UJesu wakhala izinyembezi.'" Futhi wathi, "Wayengabakanjani ngonobuNkulunkulu futhi akhale izinyembezi na?"

177 Ngathi, "Leyo kwakuyingxenye yoMuntu ikhala izinyembezi. Lowo kwakunguMuntu. Ingxenye yomuntu ofayo yayingaphakathi. Lowo kwakunguNkulunkulu ekuYe."

Wathi, "A, umbhedo!"

178 Ngathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize. Ngenkathi, lobobusuku emkhunjini, WayenguMuntu ecambalele lapho, elele. Lelo yiqiniso. Wayelele futhi ekhathele, njengomuntu. Kodwa ngenkathi Ekwazi ukubeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa useyili yalesosikebhe futhi ethi, 'Thula, uthi du,' nemimoya namagagasi kwaMlalela. Angahle ukuba wayenguMuntu, ekhala, kodwa ngenkathi Ethi, 'Lazaru, phuma,' nomuntu wayesenezinsuku ezine efile uza kukho. WayenguMuntu ngenkathi Ehla entabeni, elambele azokudla, wabuka esihlahleni; kodwa ngenkathi Ethatha amabhesikidi amahlanu, namabili, wapha izinkulungwane ezinhlanu, lowo kwakunguMdali." Kunjalo. Impela.

179 Emnyakazweni, uNkulunkulu esemnyakazweni! O, ngiyakuthanda lokho! Hhayi isithixo esithize, hhayi umcabango othize oyinsumansumane wokuhlikihla isithombe esibazwe ngetshe, hhayi isigxobo esithize sophawu lwesizwe olwaziswayo ngabo bonke baleso sizwe, kodwa owangempela, uNkulunkulu ophilayo esemnyakazweni. Amen. Amen. Hhayi

into ethize eyayikhona. Into ethize ekhona manje. Kuzwakala kungubuthutha, ezweni. Kodwa, o, kunomusa kanjani, kongcwele okukholwayo. Kumangalisa kanjani! Impela. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

180 Niyazi, Wayedlula umprofethi, futhi nokho WayengumProfethi. WayenguNkulunkulu-mProfethi. Niyabo? Ngoba, abaprofethi kwakuyiZwi. IBhayibheli lathi iZwi leza kumprofethi, futhi inqobo nje uma umprofethi wayekhuluma iZwi, ukuthi yena noNkulunkulu wa . . . Umuntu wayengazi ukuthi wayenzani. Wayekhuluma iZwi likaNkulunkulu nje. Niyabo? Engazi ukuthi wayenzani, wayeprofetha phansi kokuphefumulelwa. Niyabo? Manje-ke, kwakungesilo izwi lomuntu. KwakunguNkulunkulu ekhuluma ngezindebe.

181 Manje, uNkulunkulu wakhetha ukusebenzisa umuntu. Manje, Wayengakhetha ukusebenzisa ilanga ukuba lishumayele iVangeli. Wayengakhetha ukusebenzisa umoya ovunguzayo ukushumayela iVangeli. Wayengakhetha izinkanyezi. Wayengakhetha noma yini Ayefuna ukuyikhetha, kodwa Wakhetha umuntu.

182 Futhi umuntu mumbe uzokwenza. Kunjalo, umuntu mumbe. Uma nje Ubengake aze Azitholele umuntu, umuntu oyedwa Abengamthola esandleni saKhe, Uyokwenza. Ubenesikhathi esinzima impela, ethola umuntu oyedwa.

183 Ngicabanga ngoSamsoni. Wathola umuntu owayenenqwaba yamandla. NoSamsoni wanikela amandla akhe kuNkulunkulu, kodwa akanikelanga ngenhliziyo yakhe. Wanikela leyo kuDelila. Niyabo?

184 UNkulunkulu ufuna inhliziyo yakho, amandla, umphefumulo, umzimba, ingqondo, konke onakho. Yiyona ndlela kuphela Angakusebenzisa ngayo, usebenzisa umuntu wonke. Yebo.

185 Yilokho uJesu ayeyikho. "KuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." SinaKho ngokwesilinganiso.

186 Ngoba, ngenkathi leyoNsika yoMlilo yehla ePhentekoste, niyaqaphela, iBhayibheli lathi, "Izilimi ezahlukeneyo kungathi ezoMlilo zahlala phezu kwabo." Kwakuyini na? LeyoNsika yoMlilo izehlukanisa Yona uqobo, futhi ezaba Yena uqobo phakathi kwabantu baKhe. Into enomusa kangaka pho! Niyabo? UNkulunkulu ekuwe na? Niyabo? UNkulunkulu ekubantu baKhe. Manje qaphelani.

187 Omunye uthi manje, ebandleni kulobubusuku, ubengasho lokhu. Abantu namhlanje, uma ubungathi, "Ukuba kuphela besazi ukuthi Ulapha nathi. Ngabe ikhona enye indlela na?"

188 Niyabo, babengaMbuka. Manje, lalelisisani manje, singakawubizi umugqa womkhuleko. BabengaMbuka bese bethi, "*Nango* Elele, esikebheni. Manje, U*lapho*."

189 Manje, ukuba kuphela besinenye indlela ukwenza into efana naleyo. Ukuba nje besingaMbuka ndawo ndawo, besingathi, "Nango, khona *lapho*."

190 Manje, kodwa Usondele kangako. Usondele ngisho nakakhulu. "Ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Akunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Usondele kakhulu kunoma Wayenjalo kubo, ngoba babefanele bahambe bawele i—indawo eyisicaba yesikebhe, futhi emuva ngemuva, futhi baMvuse. Awudingi ukwenza lokho. O, he! Whewu! O! Ngizizwa ngigcwala ukholo khona manje. Ngiqala nje ukuzizwa ngikahle ngempela, khona manje. O!

191 AmaHeberu 13:8 kuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi Washo futhi, "Bhekani, Nginani njalo, ngisho nasekupheleni, isikhathi sokuhlwa." Ngishumayele ngakho izolo ebusuku. "Ngesikhathi sokuhlwa, Ngiyobe ngisalokhu ngilapho." Futhi, "Angisoze nganiyeka. Akunandaba ukuthi isikebhe senzani, ukuthi ukungqangqazela nokuphenduphenduka zikwenza kangakanani, kumbe noma yini okunye, Ngiyoba nani, ngibe nani kuze kube sesikhathini sokuphela, nginganiyeki neze."

Wena uthi, "Lokhu kungaba kanjani, Mfowethu Branham?"

192 UJohane oNgcwele, 12. . .isahluko 14, ivesi 12, wathi Uyokufakazisa. Niyabo? "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza."

193 Wena uthi, "Ngifisa sengathi ubungafakazisa futhi ungikhombise ukuthi nje Unjengoba Wayelokhu enjalo. Uma ubungakufakazisa kimi!"

194 Awu, *nakhu* lapho Aphosa khona inselelo, ubufakazi. "Okholwa yiMi, izinto eNgizenzayo." Ngamany'amazwi, wena uyoba nguMesiya omncane, okaMesiya. Kunjalo impela. Ngokuba uma ukuPhila kwaKhe kuba kuwe, akusiwe; nguYe. Niyabo? Futhi umiselwe ukuqhuba umsebenzi waKhe. "Okholwa yiMi, Ngizofakazisa ukuthi NginguMesiya. Nalowo okholwa yiMi uyokwenza into efanayo." Manje, lokho, Angeqambe amanga futhi abe yilokho enicabanga ukuthi Uyikho, nengaziyo ukuthi Uyikho, futhi niyakholwa ukuthi Uyikho, nani. Niyabo?

195 Niyazi ukuthi Wenzani na? Ulapha kulobubusuku, ulindele ukufakazelwa. Kunjalo. Niyazi ukuthi besifanele senzeni na? Besifanele senze njengoba benza. Sivuse uJesu okithi. Sivuse uJesu ezimpilweni zethu uqobo: uNkulunkulu owokhela imiphefumulo yethu ngoMoya oNgcwele; uNkulunkulu othathe lamehlo ami aphuphuthekile, wawavula nge; uNkulunkulu owangivusa ngasuka embhedeni wokufa. UNkulunkulu engibone ebuyisa abafileyo, emva kokuba sebefe amahora; udokotela wamemezela "ufile," futhi ubhala isitatimende kukho,

izikhathi ezinhlanu ezehlukene. Mvuseni lowoNkulunkulu. Mvuseni. Besifanele sibize uJesu futhi siMvuse, futhi siMbizele enkundleni. SinokuMdinga. Yebo, mnumzane.

196 Manje-ke, Mbizeni, ukuba aqinise iZwi laKhe. Uma siMvusa, siMshukumise, kithi, kuze kuthi konke ukungabaza kwenu uqobo nengxaki sekwedlule. Manje Mbizeni futhi nithi, "Nkosi, Wethembisa, isikhashana nezwe ngeke lisaKubona. Futhi angisuye owezwe. Wakhuleka ukuthi angiyikuba owezwe, futhi angisuye owezwe. NgingowaKho. Futhi Wathi, 'Izwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina.' Ehhe. 'Uyongibona.' Nkosi, ngifuna ukuKuphazamisa. Ngifuna ukuKuvusa ebuthongweni, emzimbeni wami uqobo olele, inhliziyo yami uqobo elele, ngalamaqiniso." Nivuse uJesu. "Woza kimi." Khona-ke ukungabaza nokwesaba kuzonqamuka.

197 Zonke izingxaki nokukhathazeka, ngokuthi, "O, udokotela washo *lokhu*, nokuthi uzokwenza *lokhu*. Futhi a—a—angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngi—ngi . . ." Kuzonqamuka konke nje, ngoba UnguNkulunkulu. Uyakhuluma, futhi yonke enye into ithule du.

198 Manje, besingaqhubeka nokukhuluma, ngamanye amakhasi amaningana amanothi. Kodwa ake nginibuze okuthize manje, ngoba sekucishe impela, kuthi akube yimizuzu eyishumi kushaye elesishiyagalolunye. Kusobala, lokho ngamahora amabili ngaphambi kwesikhathi kunayizolo ebusuku, niyazi, futhi. Kodwa, bukani, ake ngisho lokhu, ukuma khona manje, futhi ngingakuqeda lokhu ngesinye isikhathi esithize.

199 UNkulunkulu angehluleka na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Kanjalo neZwi laKhe lingehluleke, ngoba UyiZwi laKhe. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." "Kuseyikhashanyana nezwe alisayi kuNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ngokuba Ngi . . ." Futhi u "*Ngi*" yisabizwana somuntu. "Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokuphelelisa, ukuphela kwesikhathi. Esikhathini sokuphela, Ngiyoba lapho." UkuKhanya kuyobe kukhanya ngesikhathi sokuphela.

200 "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." AmaHeberu 13:8 kulotshiwe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] AmaHeberu 13:8, kulotshiwe. Ngakho, uma kulotshiwe, manje makwenziwe. Amen. Ningesabi ukubeka iZwi laKhe ekuvivinyweni. Lilapho. Ulapha. Into kuphela enidinga ukuba niyenze ngukuMvusa. Ni . . .

201 Siphefumula okuningi kakhulu komoya ongahluziwe, okuningi kakhulu okusibangela ukuba sizame ukukhumbula ngenye into ethize, bese siphendukela ekutheni, "Ngikhathele. Ngi—ngikhandleke kakhulu. Ngikubonile *lokhu* kwenza." Ukhombelani kokunye ukubhidlika na? "Ngizokuyisa e . . ."

Wathi, "Ngiyamazi omunye umuntu, wathemba uNkulunkulu, futhi wafa."

202 Ngazi izigidi, ngesikhathi esifanayo, zafa phansi kokunakekela kukadokotela. Niyabo? Impela. Impela. Uma udokotela enze konke angakwenza, aninalutho olunye kodwa ukwethemba uNkulunkulu, futhi uma nizokukholwa.

203 Manje, ngeke nje wathi, "Awu, ngi—ngizoMethemba." Lokho akusikho. Lokho ngukuthi, kwenze ngempela. Lokho akusikho.

204 Uzofanele uMphazamise, uze ukwazi ukuMbona engena. Ingeke yaMphazamisa yini imkhuleko yethu na? IngeMvuse yini imikhuleko yethu ekuphumuleni kwaKhe, iMlethe enkundleni na? Bakwenza. Bakhala, "Nkosi, siyabhubha," futhi Wangena enkundleni. Manje singenza into efanayo. Manje, niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje-ke asikhuleke.

205 O Nkosi, lomcabango omncane olula, "Vusani uJesu." Nkosi, si—asiwusebenzisanga uMoya waKhe nokukholwa kwaKhe, kade kakhulu, sekuze nje kuyolala, njengoba kwakunjalo, emiphefumulweni yethu. Asizinyakazise kulobubusuku. Asizivuse thina ebuthongweni bese sisusa ukulala kwethu uqobo kithi, ukuze sikwazi ukubona ukuthi Usesesikebheni.

206 O Nkosi, namhlanje ngizame ukunyakazisa umphefumulo wami. Ngazile ukuthi bengifanele ngime phambi kweqembu elincane labantu phezulu lapha kulobubusuku. Futhi ngiyazinyakazisa. Nkosi Jesu, vuka, phuma. Ngikhiphele iZwi laKho phambi kwabantu. Lilethwa ekuvivinyweni. Fakazisa kulezizithameli kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Usaphila, ukuthi Uselapha nathi. AmaZwi aKho aqinisile, "Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Usesemkhunjini, Nkosi, umkhumbi omdala waseZiyoni osithwele siwele ulwandle oluzanyazanyiswayo. Futhi uma udeveli eshwiba isiphepho sehlele phezu kwethu, kwenza mehluko muni, inqobo nje uma Esemkhunjini na? Yiba nathi manje, Baba. Futhi kwangathi Ungahamba ungene ngqo ezinhliziyweni zabantu kulobubusuku.

207 Kwangathi Ungahamba ungene enhliziyweni yami, umphefumulo, umzimba, ingqondo, amehlo, izindebe. Futhi vumela lokhu ukuzinikela, kwami uqobo, kube ngukuqinisa kweZwi laKho, ukuthi Wethembisa kuJohane oNgcwele 14:12. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza."

208 Manje-ke kwangathi kungenzeka, kuye ezithamelini, ukuze zikukholwe nga*le*ndlela, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina." Futhi uma sihlezi kulendawo yaseZulwini kulobubusuku, kuKristu Jesu, Zibonakalise, Nkosi. Yisithembiso saKho. Amazwi akho awayikwehluleka. Futhi manje-ke, kusobala, khona-ke

makube phezu kwezisekelo zokukholwa kwabantu, ukuthi bangaKwemukela ke. Yilokho kuphela esingakwenza.

209 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzothola inkazimulo kuWe uqobo. Nginikela lezizethameli, uMlayezo, iMbewu ehlwanyeliwe. Kwangathi uMoya oNgcwele ungangena, ukhanye ukukhanya kwaWo. Njengoba ngishilo ngembewu yalowo wesifazane omncane waseSamariya; kwangathi, ngokushesha, kuthi nje ukuKhanya kungabaneka, kwangathi ikholwa lingakubona. Kwangathi owesilisa ogulayo angakubona, owesifazane ogulayo, umfana, noma intombazane. Nalabo abafisela abanye, kwangathi bangaKubona, ngokushesha, futhi baphiliswe. EGameni likaJesu. Amen.

Seniyakholwa manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

210 Manje, ngiyakholwa . . . Amakhadi omkhuleko na? Awu, ngizozama. Ngingaletha kuphela nje ambalwa ngesikhathi, ngakho asiqale ukubenyusa, abanye abantu, ukuba sibakhulekele. Futhi manje ngiyazi kuminyene ngempela.

211 Hlalani nithule nje, bafowethu abangabefundisi. Ngizokweseka khona phezulu lapha, ngikwencike. Thathani indawo yenu—yenu lapha. Kulungile.

212 Manje, ningangabazi. Kholwani. Nizokwenza lokho na? "Konke kungenzeka kwabakholwayo." Kunjalo. "Konke kungenzeka kwabakholwayo." Kunjalo. Manje, nifanele nikholwe. Nifanele nikholwe ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiQiniso. Kulungile. Manje asi . . .

213 Bangaki esingabasukumisa lapha ngesikhathi, cishe abayisishiyagalombili, ishumi na? Kulungile.

214 Asiqale kwelokuqala, futhi sithole elokuqala kuya cishe eshumini noma ishumi nanhlanu, uA. U A, elokuqala kuya eshumini nanhlanu. Ubani onekhadi lomkhuleko uA, elokuqala na?

215 Ngiyabona kunababili oyiSipenishi neNdiya lapha kulobubusuku. Ngahle bengakwazi ukukuqonda.

216 Kulungile, nakhu kuza owesifazane oyedwa, khona ngapha. Elesibili na? Khona lapha. Ehhe. Uphumele khona *lapha*. Ya. Khona lapha. Kulungile. Elesibili. Isithathu, elesithathu na? Kulungile, khona *ngapha*, uma uthanda. Elesine, isihlanu, isithupha, isikhombisa, isishiyagalombili na? Omunye akathathe umfanyana lapho, ukuze angatholi ukunyathelwa. Isishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi. Manje, cishe ishumi. Kulungile. Siyabona ukuthi singaba kanjani ukuthi . . . O, si . . . Angazi. Ngingahle—ngingahle ngibe nabaningi kakhulu manje. Kulungile. Ishumi. Lokho kulungile. Mabashaye umugqa khona kanjalo. Lokho kuhle.

217 Bangaki okholwayo manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, asinabo abaningi

kakhulu lapha, ishumi. Ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu. Kulungile.

218 Manje, wonke umuntu, ngifuna nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Manje, ngibesehoreni ngqo, noma ngaphambidlana, ngikhuluma. Engikushoyo akusho lutho ngaphandle uma uNkulunkulu ekwesekela. Futhi uma Engakwesekeli, niyabo, iZwi lisalokhu liqinisile, ya, akunandaba noma ngabe Uyakwenza noma qha. Ukwenzile ngaphambili, niyabo, futhi Akakaze ehluleke kimi. Futhi ngi—ngiyazi Angeke, ngoba Wathi Angeke. Niyabo? Futhi ngi—ngiyazi ukuthi Uzokwenza. Kodwa sifanele sikukholwe. Ngazo zonke izinhliziyo zethu, sidingeka sikukholwe. Manje, ngokwazi kwami . . .

219 Ngifuna nina osemgqeni womkhuleko, nibheke ngapha, konke okuzokwenzeka emgqeni womkhuleko. Ngi—ngikholwa ukuthi bonke bayizihambi kimi. Ngikholwa ukuthi bonke bayizihambi. Uma lokho kuqinisile kini, phakamisani isandla senu nje. Uma nginganazi nonke, phakamisani izandla zenu nje ka*njalo*. Kulungile. Niyabo? Manje, angibazi labobantu. Bona, ababaningi lapha . . .

220 Ngazi abanye lapha kulemigqa khona ngaphandle *lapha*. Anginasiqiniseko. Ngicabanga ukuthi lona umka Mfowethu Noel. Anginasiqiniseko. Sekuyisikhathi eside.

221 Futhi ngakho unjani uMfowethu Johnson na? Ngikholwa ukuthi unonhlangothi, akanawo na? O, he! Uthini? Kunjalo na? Ayibusiswe inhliziyo yakhe. Labobantu babenjengobaba nomama kimi, ngenkathi ngiqala ukuqala emhlanganweni, leliqembu elincane labantu base Arkansas. Angisoze ngayikhohlwa iArkansas. Qhabo, mnumzane. Angikaze ngibe semhlanganweni nomaphi, ingekho inqwaba yama "Arkies." Bangaki olapha kulobubusuku, phakamisani izandla zenu, abaseArkansas na? Manje, bonke abanye uvela eOklahoma, ngakho ningancika kulokho nje. Niyabo? Kuhamba ngaleyondlela-ke. Kodwa sonke siqonde eZulwini, niyabo, "sihlezi ndawonye ezindaweni sasezulwini kuKristu Jesu."

222 Dadewethu Jones noMfowethu Jones, iminyaka eyadlula ngenkathi ngifika ebandleni lenu, ngikholwa ukuthi kwakuyiMoark. Kwakungesiyo na? Futhi niyakhumbula ngenkathi ngifika lapho, indlela kuphela engangiyazi yokuthola inkathazo yabantu yayingo . . . Wawubaholela phezulu emsamo futhi babebeka isandla zabo phezu kwesami, futhi bese-ke ngilinda lapho umzuzu nje. Bese kuthi-ke, ngingazami ukusebenzisa iphimbo lami uqobo, futhi Kwakukhuluma, kuthi, "Ithumba, isilazi." Futhi nganitshela ukuthi kuyobakhona isikhathi ukuthi, Wangitshela phezulu lapho, uma ngiyobaqotho, khona-ke ngiyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo yabo. Niyabo? Kunjalo. Bangaki okukhumbulayo lokho ngenkathi ngiqala ukufika ePhoenix na?

[Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Ngabe kwenzekile na? ["Amen."] Niyabo?

223 Manje, khumbulani. Bhekisisani leteyipu. Senyukela ngqo phezudlwana manje. Niyabo? Kwenyukela phambili ngqo, phezudlwana. Kukhumbuleni. Nje—nje khumbulani. Niyabo?

224 Manje, sifuna ukubona uJesu. Ngifuna ukuMbona. Manje, siyazi ukuthi umzimba waKhe awuzukubuyela emhlabeni Aze afikele iBandla, ngoba ufanele uhlale Lapho wenzele umhlatshelo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ufanele ube sealtare. Uhlezi esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, kulobubusuku. Futhi ufanele uhlale lapho, ngokuba, ngemivimbo yaKhe, UngumHlatshelo, nomHlatshelo usealtare. Niyabo? Nomzimba waKhe ungefike. Kodwa ukuphila kwaKhe kwabuya, lokho kwakukuKristu, kubuyela phezu kwebandla, ngesimo sikaMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele . . .

225 Kwakungesiwo lowomzimba owakwenza, empeleni. Wathi, "AkusiMi owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi." Manje, siyakukholwa lokho. Asikukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

226 Manje, uma ngikutshele ukuthi umoya wesigebengu ukimi, ubuyongilindela ukuba ngibe nezibhamu ezinkulu, futhi ngingabi nasithunzi. Niyabo? Umoya wengcweti, ubuyongilindela ukuba ngithathe ibrashi nopende.

227 Uma ngikutshela, "uMoya kaKristu," khona-ke, uyokwenza imisebenzi kaKristu. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina . . . " Njengokukhipha nje ukuphila emvinini owodwa kungene komunye, uyothela i—isithelo sokuphila okusemvinini.

228 Manje, angazi ukuthi Uzokwenza lokhu. Ngeke ngakusho. Kodwa uma mina, ngesiphiwo . . . Manje, asikho isidingo sokuzama ukukuchaza. Ngingeke.

229 Kodwa abaningi benu bayazi ukuthi ngike ngajikeleza umhlaba, ngaba phesheya, izikhathi eziningana. Phambi kwabantu abayingxenye yesigidi, ngesikhathi esisodwa, abantu abayizinkulungwane ezingamkhulu amahlanu. Ngabona izilwimi eziningi kakhulu ezehlukeneyo, ngangikubhalabhala phansi engikushilo, ukuba ngilinde kuze kwedlule kwabanye futhi abahumushi abayishumi nanhlanu, bese-ke ngibuyela entweni engiyishilo. Futhi ngibone lowoMoya kaNkulunkulu wehlela lapho ngqo futhi nje wenze into efanayo oyenza lapha. Niyabo? Niyabo? Zonke izizwe, izilwimi, azinazaba.

230 Manje, khumbulani, akuzukuya kumuntu wonke. Ngenkathi uJesu esemhlabeni, akukho ophezu koyedwa kwabathathu wesizwe samaJuda owake wazi ukuthi Wayesemhlabeni. Niyakwazi lokho. Uza kwabaKhethiweyo, futhi baKwemukela. Kunjalo. Uyalapho-ke uMoya kulobubusuku, kwabaKhethiweyo.

231 Manje, uma ningahle nikholwe ukuthi uJesu wafela izono zenu, futhi naMemukela njengoMsindisi wenu, futhi Uthathe ukuphila kwakho futhi waphinde wakubumba futhi, manje-ke, khumbula, "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." Niyabo? Manje, naphiliswa. Senivele niphilisiwe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, iBhayibheli lathi, "Saphiliswa." Kunjalo na? ["Amen."] Hhayi ukuthi "siyophiliswa." Thina, vele. Siphilisiwe, vele.

232 Wonke umbuzo wesono waxazululwa ngenkathi uJesu efa eKalvari. Uyakukholwa lokho, mfowethu na? [Abazalwane bathi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? "UyiWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe." Manje, akusoze kwakusiza ngalutho uze wemukele ukuxolelwa kwakho. Niyabo, nizofanele nikwemukele. Futhi nizofanele nemukele ukuphiliswa kwenu ngendlela efanayo.

233 Uma kwedlula omunye umuntu, athi, "Ngizokuphilisa," manje, unephutha. Lokho kuphambene nomBhalo. Angakukhombisa lapha lapho uJesu akwenzele khona, futhi kwesekeleke ekukholweni kwakho. UNkulunkulu akasoze enza lutho . . . UNkulunkulu angesebenze aphikisane nokukholwa kwakho. Uzofanele ukukholwe.

234 Manje, uJesu, ngenkathi Efika kubantu baKhe uqobo, lalelani ukuthi iBhayibheli lathini. "Imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza, ngenxa yokungakholwa kwabo," emva kokuba Ezikhombise Yena uqobo ukuthi unguMesiya. Manje, Wakufakazisa ngalolosuku, WayenguMesiya.

235 Kwangathi uNkulunkulu angangisiza ukuba ngithobise umoya wami ngangokuthi ngingafakazisa ukuthi Usenguye uMesiya; ukuthi, uNkulunkulu ofanayo owayesemhlabeni, angathatha u—umzimba osazokufa, unikelwe kuYe, futhi asebenze ngawo ngayo impela indlela Athembisa ukwenza ngayo. Bekungekholiseke lokho na? Bekungekhombise lokho ukuthi A—Akalele na? Uvukile. Ulungele wena ukuba uMbizele emnyakazweni.

236 Manje kuthiwani-ke ngami ngimi lapha, kulobubusuku, yini engizoyenza na? Kunabantu abayikhulu namashumi amahlanu lapha, ngiqagele, into ethi ayifane naleyo. Noma ngabe yikhulu namashumi amahlanu, noma ngabe ngumuntu oyedwa—oyedwa, bekuyizinkulungwane ezingamkhulu amahlanu, akwenzi mehluko. Kuyafana nje. Niyabo?

237 Manje, uma noma ubani ecabanga ukuthi lokhu kuyinto mbumbulu, futhi akuqinisile, nginicela ukuba nenyuke futhi nithathe indawo yami futhi nenze into efanayo. Ehhe. Ya. Niyabo? Nazi kangcono kunokuzama lokho. Ehhe. Niyabo? Qaphelani. Kodwa, manje, uNkulunkulu uzofanele afakazise ukuthi ngabe Uqinisile noma qha. Manje, uma iNkosi uNkulunkulu . . .

238 Ngabe leli ngelinye le...Nikeza lowomfana ikhadi lakho lapho. Woza lapha. Nanti inenekazi, lincane kakhulu kakhulu kunami. Angikaze ngilibone empilweni yami. Ngithemba ukuthi siyizihambi komunye nomunye? Kunjalo. Asazani.

239 Manje, uma usuya ekhaya, ufunde uJohane oNgcwele, isahluko 4, futhi uthole ukuthi uma lena ingesiyo indawo ngisho neyindingilizi encane...Noma ubani oke waba sePalestine, enhla lapho e—eSikari na? Lowo mthombo omncane usekhona lapho lowo wesifazane wayekhona; indawo eyindingilizi encane, imivini kuwo. NoJesu wahlala ngale wancika udonga ngenkathi owesifazane enyuka. Wayemi endaweni encane oyibona yonke ngasikhathi sinye ngenkathi owesifazane enyuka evela esitaladini ezansi lapha, wenyuka wayesekha amanzi, ukuphela kwesitaladi. Futhi wenyukela lapho. Futhi manje Waqhuba ingxoxo naye waze Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona, khona-ke Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

240 Futhi ngenkathi Enza lokho, wathi, ngokushesha, "Mnumzane, Ufanele ukuba ngumprofethi, uyabo, ngoba U..." Wayefanele abe ne...Manje-ke uma Wayengumprofethi, lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu liza kuYe. Kodwa wathi, "Siyazi sibheke uMesiya. Futhi nxa Efika, yilokho Azokwenza." Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lowo ngumBhalo.

241 Manje, nasi isandla sami phezu kweBhayibheli. Mina, ngokwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Futhi uthi siyizihambi ngokuphelele komunye nomunye. Manje, iZwi kuphakathi kokuthi lizofanele libe ngeliqinisileyo noma elinephutha. Kunjalo. Liphakathi kokuthi liqinisile noma linephutha. Singeke salenza noma yini ehlukile.

242 Manje, nenekazi, ukukhuluma nawe nje umzuzwana, njengoba iNkosi yethu yenza kowesifazane...Uma Ingangitshela...

243 Manje, uma bengingathi kuwe, "O, kusobala, ubunekhadi lomkhuleko. Yenyukela lapha. Uyagula." Uyabo? Awu, khona-ke uma bengingathi, "Udumo kuNkulunkulu," ngibeke izandla zami phezu kwakho. "Udumo kuNkulunkulu, uzosinda." Kulungile, akukho-nto enephutha ngalokho. Yilokho impela okufanele kwenziwe. Uyabo? Kunjalo.

244 IBhayibheli lathi, "Babeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Lokho kuqinisile.

245 Kodwa manje, ubungenwaya ikhanda lakho bese utadisha, "Ngabe ungitshele okuqinisileyo na? Ngabe ngizosinda na?"

246 Manje, ukuba-ke—ukuba Into ethize eyazi impilo yakho, obuyikho, okwenzile, futhi, noma ukuthi yini engalungile ngawe, njengoba Yatshela lowo wesifazane ukuthi yayiyini inkathazo yakhe na? Futhi uma Ibingakutshela lezozinto, awu, impela uma

Yazi obekuyikho, Iyazi okuyoba yikho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela.

247 Manje, uma owesifazane egula...Angahle ukuba umele omunye umuntu. Kungahle kube ngukugula. Kungahle kube yinkathazo yezezimali. Kungahle kube yinkathazo yezasekhaya. Angazi. Ngeke ngakutshela. Lokho kuqinisile. Uyabo? Kodwa noma ngabe yini okuyikho, uma Ibingakusho, ubezokwazi ukuthi ngabe bekuyiqiniso noma qha. Ubezokwazi. Uyazi kuthi ngabe kwakukhona noma qha. Futhi manje-ke uma kuyiphutha, khona-ke lowo bekungesiwo uMoya kaNkulunkulu, ngoba umprofethi usho njalo, nesiprofetho sakhe besiyiphutha. Kodwa uma kuqinisile, khona-ke lowo bekunguMoya kaNkulunkulu. Niyabo?

248 Manje lokho bekungesiduduze yini futhi kusenze sizizwe ngokumangalisayo, uma sazi ukuthi uJesu ube lapha nathi kulobubusuku na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bekunganinika ukukholwa na? ["Amen."] Niyabo? Impela.

249 Manje, ukuphilisa owesifazane, bengingekwenze. Ngi—ngingekwenze lokho. Sekuvele kwenziwe. Niyabo? Niyabo? Sekwenziwe, futhi manje kusekeleke phezu kokukholwa kwakhe ukuba akukholwe. Manje, ukuba Ubemi lapha, Qobo lwakhe, egqoke lesudu, Ubengemphilise. Ubezothi Ubesevele ekwenzile. "Uma ukholwa, uyabo, ukuthi Ngikwenzile, sekuphelile." Niyabo? Yilokho-ke. Niyabo?

250 Kodwa, manje, into kuphela Abengayenza, Ubengafakazisa ukuthi WayenguMesiya, namanje, lowoNkulunkulu-mProfethi owayezokuza. Futhi Wethembisa ukuthi abafundi baKhe bayokwenza into efanayo, ngakho nakho lapho enikhona. Niyabo? Kukubuyisela ngqo emBhalweni. Nalowo ngumBhalo, bazalwane. Ngiyazi ukuthi kuphambene konke nenkolelo yesimodeni, kodwa kuyinkolelo kaNkulunkulu. Kuyindlela kaNkulunkulu, ngoba Washo njalo. Nanko umBhalo ukuba uzifundele wena. Bazama nje ukuwusonta futhi benze enye into ethize ngawo.

251 Manje, ngifuna ukunibuza into ethize. Owesifazane uyikholwa. Ngifuna uku...

252 Kuzokwenzeka into ethize. Khumbulani nje, kuzokwenzeka into ethize. Manje, uma yenzeka, khona-ke bangaki ozokwemukela bese ethi, "Lokho kukuxazululele mina"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uzokukholwa lokho, nenekazi na? Uyakukholwa, *laphaya* na? Nonke nina abanye uyakukholwa na? ["Amen."] UNkulunkulu makabe ngumahluleli.

253 Manje, akubanga ngaphezu kokuba ngisho lokho, isizathu ngisho lokho. Bangaki oke wabona ukuKhanya, leso sithombe salokho kuKhanya, leyoNgelosi yeNkosi na? UGeorge J. Lacy, uyazi. Niyabo? Kulungile. Lokho kuKhanya kuphakathi kwalo

nami ngqo, manje. Futhi kuyemukela. Ngiyazi liyikholwa. Kunjalo.

254 Ufuna ngikukhulekele mayelana nani: izilonda, izilonda emzimbeni wakho. Enye into, kuyizifo ezelakanyanayo nje. Unezinto eziningi kakhulu. Kodwa, awulinde umzuzu. Ngixhumene nomoya wakho. Usulungele ukuhlinzwa. Kunjalo. Wenyukela ukuhlinzwa. Manje, Uthe lokho bekusenyongweni. Kunjalo. Manje ucabangani na? UNkulunkulu akubusise. Kholwa nje. Yilokho-ke. Amen.

255 Akasuye uKristu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje buzani inenekazi uma nifisa ukulibuza. Lokho ngukuthi . . . Niyabo?

256 Manje, lowo Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyabo? Ukukholwa kwenu kuMvuse ebuthongweni manje. Niyabo? Usenkundleni, ukwenza izinto ukunisiza, ukunibusisa, nokuninika lezozinto enilangazelela ukuba nazo.

257 Manje, lowombono owodwa ungiqede amandla ukwedlula leyontshumayelo eyihora nohhafu. Niyabo? Futhi nje uzizwa uthuthumela, udeda. Niyabo? Ngokukhuluma ngokusobala, lokhu ngokokuqala ukuba ngibe nenkonzo . . .

258 Ngobunye ubusuku, uMoya oNgcwele washaya, ngale kwelinye ibandla, ngiyazi, futhi Wabiza abathathu noma abantu abane. Futhi ngenkathi kwenza, abazange bathathele phezulu nje, futhi manje-ke Wadabukiswa. Wasuka ngqo wahamba, niyabo, futhi wangishiya khona lapho. Nifanele—nifanele nikwenze, nifanele niMphendule. Yebo, mnumzane. Khumbulani nje, Akabophezelekile kini; nina nibophezelekile, kuYe.

259 Siyizihambi komunye nomunye. [Udade, uthi, "Ngike ngakubona kanye."—Umhl.] Wake wangibona kanye. ["Yebo."] Lapha eArizona na? ["Yebo. Ngangi . . . ? . . . emgqeni womkhuleko."] Emgqeni womkhuleko. Sekube yisikhathi eside kangakanani lokho na? ["Kwakuphakathi kokuthi kwakungo '54 noma ngo '55."] Ya. Kudala. Yebo, mnumzane. ["Anginasiqiniseko ukuthi kunini."]

260 Ngiyawukhumbula umugqa womkhuleko omude kunayo yonke engake ngaba nawo empilweni yami, kwakusezansi lapha ePhoenix, ngenye intambama. Ngale . . .

261 Ngiyalikhohlwa igama lalelobandla. Kwakukhona i . . . Kwakuvamise, omncane, umfo omfishane wayenebandla. Ngiyakhohlwa ukuthi u . . . Ibandla elikhulukazi, lapha ePhoenix. Ngabe kwakunguFuller na? Qhabo. UMfowethu Fuller, ngiyamazi. Nithini? Ngiyamkhumbula uGarcia. Kodwa leli yibandla elikhulukazi laphaya lapho uDkt. Sutton ake aba ngumelusi, noma okuthize. Kwakuyini igama lalelobandla elikhulu laphaya na? Lingelinye lamabandla agcwele iVangeli amakhulu kunawo onke ezweni. [Omunye uthi,

"Faulkner."—Umhl.] Faulkner, yilelo-ke. Yilelo-ke, Faulkner, ngale ebandleni lakhe.

262 Niyawukhumbula lowomugqa na? Ngaqala ngaleyontambama, ngakhuleka ngaqhubeka kwaze kwabaphakathi nobusuku ngalobobusuku, ngikholwa ukuthi kwakuyibo. Nje con-. . . Nje ngibeka izandla phezu kwabantu, ngaphela amandla kakhulu angibange ngisakwazi ngisho nokunyakaza, cishe impela. Niyabo?

263 Lokho kwakuphambi kokuba kufike umbono. Wawufika, kodwa nje ngokongeka, ngasikhathi. Bese kuthi-ke ngesinye isikhathi uma sekuthe dwe kimi, Wayengitshela into ethize eyayizokwenzeka. Ngangiza nginitshele konke lokhu Ayengitshele ukuthi into ethize yayizokwenzeka. Kwakwenzeka njalo. Kwakungenzeki na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ya. Manje, Kuthini na? "Kukholwe." UNkulunkulu uyakuqinisa. Niyabo?

264 Manje, inenekazi, ngokuthi sekuyiminyaka emininingi eyadlula, ngiqagele sengikhulekele abantu abayizigidi ezimbili nohhafu, noma mhlawumbe, kusukela ngaleyonkathi, niyazi, umhlaba jikelele. Mhlawumbe ngaphezu kwalokho. Kodwa ngi—ngingeke ngazi neze ukuthi ubani, ngawe, noma lutho ngakho. Kodwa manje iBhayibheli lasho, lokho, ngesinye isikhathi . . .

265 Futhi, kambe, lobobumnyama, obebuphezu kwalowo wesifazane, sebusukile kuye. Kunjalo. Ehhe. Ngiyazi. Uzwa kwehlukile, awuzwa na? Uma nje ubamba lokho kukholwa, yilokho kuphela okukuthathayo. Manje, kugcwalise ngenjabulo nokukholwa. Isizathu, kuzobuya nokunye okuhlanu, noma okuyisikhombisa okunye, sekukubi kakhulu. Uyabo? Hlala lapho nje ngqo futhi uthi, "Ngiyakholwa. Lokho kukuxazululile."

266 Manje, thina siyizihambi omunye komunye, bengingathi nje, okofakazi ababili. IBhayibheli lathi, "Umlomo wofakazi ababili, noma abathathu," ngikholwa ukuthi kwakuyibo. Kwakungesibo na? "Ofakazi ababili noma abathathu, ofakazi abathathu, onke amazwi mawaqiniswe."

267 Ngihlose ukubeka isikhathi sami esisele phansi lapha, uma ngingaphumelela, emgqeni wokuphilisa. Ngakho, angifuni ukuthatha esiningi kakhulu ekuboneni okufihlakele. Ukuze nje nizokwazi.

268 Empeleni, lelonenekazi elihlezi laphaya, linamalumbo esiyezi. Ngeke esenzeka kuwe uma nje ukukholwa. Ngitsheleni ukuthi uthinteni. Ngi—ngibone leyondingilizi yokuKhanya lapha futhi ihamba iwelela ngqo kulelokhona. Ngibone owesifazane ebamba ikhanda lakhe, ka*nje*, embonweni, eya emuva naphambili, ka*njalo*. Ehhe. Niyabo? Wenzeni na? Uthinte ingubo yaKhe. Hhayi . . . IBhayibheli lasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu" (kunjalo na?) "onokuzwelana

nobuthakathaka bethu." Yilokho akwenzile. Niyabona ukuthi uthathele phezulu kanjani na? Kwenzeka lapho. Uyabo? Kholwa nje. Manje, lokho bekufanele kukuxazulule konke. Lokho kukwenza kube yiqiniso.

269 Manje, niyabona ukuthi kungani ngingehli ngomugqa. Ngizama nje ukuzibamba emuva, kakhulu impela, ngoba ngifuna omunye umugqa kusasa ebusuku. Kodwa nje ukuze nibone ukuthi Ufikile enkundleni. Lowo nguYe. Ngeke kwaba yimi. Angikaze ngimbone lowo wesifazane empilweni yami; angazi lutho ngaye. Niyabo?

270 Kulula kabi, kuze kuthi abantu abakhulu abanobuhlakani namhlanje babhadazela ngqo ngaphezulu phezu kobulula obunjalo. Niyabo? Yingalesosizathu bekugeja. Bazama ukukufanisa. Ngeke wakufanisa. Kukholwe. Kukholwe nje.

271 Leyontombazane yeNdiya, inezinhlungu zekhanda, uma nje izokukholwa, kuzosuka kuyo, nayo. Angikaze ngiyibone. Ayikho ngisho . . . Niyabo? Niyabo?

272 Mthinte. Mthinte nje, kanye, bese uthola ukuthi akuqinisile yini. Niyabo?

273 Labo bantu bayizihambi. Buzani inenekazi. Angikaze ngilibone empilweni yami. Lelo yiqiniso, phambi kukaNkulunkulu, njengoba ngake ngazi. Niyabo? Niyabo? Usenkundleni, uma ningaMkholwa. Kodwa nje ningabhadazeli kukho; kukholweni. Kuzonenzela into ethize uma nizokukholwa. Uzoniphilisa. Nonke ningaphiliswa uma nje nikukholwa.

274 Niyabo, lapha kumi owesifazane emsamo. NoMoya oNgcwele uphumela laphaya udabula ezethamelini, uphilisa abantu, ukhombisa ukuthi Undawo zonke, osezindaweni konke, owazi konke, nonamandla onke. Amen. Udumo! Vusani uJesu, ngaphakathi kini. Makuthi Lowo ongena kini, ngesimo sikaMoya oNgcwele, ahambe ngani.

275 Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. INkosi uNkulunkulu ingembula kimi into oyikhonele lapha. Ubuzongikholwa, ubungeke na? Kulungile. Ngibheke. Ngi—ngiqonde ukuthi ngalokho, njengoPetru noJakobe, uyazi, wathi, "Sibheke." Ukunithola nje e . . .

276 Kuvela nje ndawo zonke. Ngikholwa ukuthi kuzoba nenkonzo yokuphilisa ngempela emizuzwini embalwa. Niyabo? Niyabo? Niyabo?

277 Into eyodwa, amehlo akho ayakuhlupha. Ucishe impela ube yimpumputhe. Imizwa emehlweni iyafa.

278 Okokuqala, ngikubambile lokho, kudala. Omunye umuntu uthe, "Ukuqagelile lokho." Angizange. Angizange. Manje, khumbula, ngibamba imicabango yakho lapha ngoMoya oNgcwele.

279 Ake sibone uma ngikuqagelile. Buka lapha, dadewethu. Uyikholwa. Unenkathazo ngesifuba sakho; umdlavuza, imidlavuza yesikhumba kwingemuva lentamo. Manje, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzowususa na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Ehhe. Ufuna ukubuyela emuva ngale eNew Mexico, lapho ovela khona, ukholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphilisile na? Kulungile, Nkk. Watkins, buyela emuva . . .?. . . laphaya. Philiswa eGameni leNkosi uJesu Kristu.

Kholwa. Yiba nokukholwa nje.

280 Siyizihambi omunye komunye. Ungibonile emihlanganweni. Kodwa, ngiqonde ukuthi, ukukwazi, ukuthi nje ngiyakwazi, angikwazi.

281 Manje, kancanyana nje. Sengiseqe kakhulu isikhathi sami lapho, kodwa ngempela niyazi ukuthi Ulapha. Lona wesifazane oyedwa omi lapha, futhi, khona-ke sizo—sizobakhulekela. Ngikholwa ukuthi lowo okungenani bathathu. Akunjalo na? O, yebo. Yilabo kuphela laphaya ezethamelini, khona-ke.

282 Anginalwazi. Ubukeka uphilile futhi uqinile, kimi. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Kodwa kunento ethize enhliziyweni yakho. Kuyinto ethize oyifisayo. Futhi ngeyomunye umuntu. Ngibona insizwa, qhabo, izinsizwa ezimbili. Zingamadodana akho. Qhabo, eyodwa yazo indodana, nenye ngumkhwenyana wendodakazi. Futhi omabili anenkathazo yesisu. Futhi omabili anamathunzi amnyama phezu kwawo. Wona, omabili, izoni. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Usuyakholwa manje na?

Bangaki abazokholwa naye na? Asikhuleke.

283 Nkosi Jesu, siyaKukholwa manje ngalesisicelo, sikadadewethu. Ngiyambusisa eGameni laKho. Kwangathi angahamba futhi akwemukele akucelile, ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

284 Nonke niyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

285 Manje, woza ngapha. Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi yini engalungile na? Bekungebe kuhle lokho, leyonkathazo endala yesifuba somoya ibhodloke, futhi ungaya ekhaya, usinde na? Awu, uma ukukholwa, kuzokwenza.

286 Uyasikhuluma isiNgisi? Inkathazo yenhliziyo, inkathazo yesisu. Kholwa yiNkosi uJesu futhi kuzokuyeka. Amen. Kulungile.

287 Woza, nenekazi. Uyasikhuluma isiNgisi? Kul'khuni ukuba uthole umoya wakho; isifuba somoya. Hamba, ukholwe. Phefumula! Kukholwe, e—eGameni leNkosi uJesu.

288 Woza. Uyasikhuluma isiNgisi? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Inkathazo yakho iseqolo lakho. Kholwa! Ngeke isakukhathaza.

289 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uhlushwa yisifo samathambo. Ngiyakubona uzama ukuphuma embhedeni. Kul'khuni ukuthi ukwenze, ekuseni. Hamba, ukholwe, futhi awusezukudinga ukuba ukwenze lokho, futhi uzosindiswa.

290 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yonke inhliziyo yenu na? ["Amen."] Vusani uJesu, kini manje. UKristu ulapha. Usenkundleni. Nonke niyakukholwa lokho na? ["Amen."]

291 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Bekani izandla zenu nje phezu komunye nomunye manje.

292 Ngizocaphuna umBhalo. UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke," eTempe, eArizona, "nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka noma baphuze okubulalayo, akusoze kwabanangozi. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda."

293 Manje, noJesu ekhona manje, uma nikholwa ukuthi Ukhona, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UMoya ofanayo owawukuJesu Kristu ulapha kulelibandla kulobubusuku.

294 Manje, khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. Khuleka nje kuzwakale ngqo, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, philisa lomuntu." Bakhulekela wena.

295 Nkosi Jesu, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzothumela amandla aKho noMoya phezu kwalezizethameli, phezu kwalona wesifazane omncane lapha, Nkosi, nalesisifihlabuso phezu kobuso bakhe. Ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa, Nkosi. Kwangathi udeveli, iziphepho, kungathuliswa, namandla kaNkulunkulu engamele lezizethameli futhi akhiphe onke amandla amabi nokungakholwa.

